

# UKWENELISEKA BESE

## UYASHISEKELA



Ngiyabonga, kakhulu, Mfowethu Parker.

Sanibonani kusihlwa, bangani. Kuhle ukuba lapha ebusuku futhi. Futhi ngiyacabanga senikhathele ukuhlala, ningilalele. Futhi ngino—nginokukhathala kakhulu, ngishe izwe, ukusha izwi okuncane ngokushumayela kanzima.

<sup>2</sup> Bengikhuluma nje noMfowethu Parker lapho, futhi ngimtshela ukuthi ngikholwa ukuthi lona ngomunye wemihlangano emihle ukwedlula yonke iNkosi engivumele ukuba ngibe kuwo isikhathi eside. Ubukade ungomkhulu, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, kodwa awumkhulu kakhulu. Bebengebaningi abawethamelayo, kodwa i—i—ikhwalithi yawo, ibimangalisa. Ukukholwa, he, kubukeka sengathi noma yini ibingenzeka. Ngiyaluthanda lolohlobo lomhlangano lapho nje uzizwela ukuthi noma yini nje ingenzeka noma nini. Futhi ngi—ngiyakuthanda lokho. Futhi ngineqiniso kuzoba nemiphumela ehlala isikhathi eside, futhi izoziveza yona.

<sup>3</sup> Impela ngiyakwazisa ukubekezela kwenu konke, nihlezi, ningilalele ngishumayela amahora, bese-ke nibuye ngobusuku obulandelayo. Impela ningakumela ukujeziswa okuningi. Niyabo? Ngakho-ke ngi . . .ngiyazi ninenqwaba yokubekezela okuhle. Ngakho-ke si . . .

<sup>4</sup> Ngifuna ukusho, ngathi sonke, ukuthi siyanibonga, kulowo Mfowethu Thomas. Angikwazi nje ukuzwakalisa imizwa yami ngoMfowethu Thomas. Yena, bengicabanga ukuthi ngiyamazi, kodwa ngibe naye exovene nomunye umuntu. Ngixhawulane nowakhe oyigugu, umkakhe omncane. Futhi bayizinceku ngempela zikaKristu. Futhi impela ngiyethemba ukuthi, uNkulunkulu ethanda, ukuthi izindlela zethu zizophambana, izikhathi eziningi kakhulu, empilweni.

<sup>5</sup> Ukube bengiyini bantu, futhi ngihlala ngapha, ibandla lakhe beliyoba yindawo ebengizoya kuyo. Ngakho-ke ngi—ngiyabathanda, indoda e . . .

<sup>6</sup> [UMfowethu Thomas Parker uthi, “Ngiyakuzonda ukuphazamisa uMfowethu Branham kanjena, kodwa ngicabanga ukuthi kuzolunga kulomcimbi. Ngiyambonga ngalezozincomo nalezozinto ezinhle azishilo. Angazi nje noma abantu ngalapha, futhi bonke abethamele lengqungquthela, bangathanda yini ukuba naye aphinde abuye futhi. Nithini ngalokho na? Wonke umuntu uyakufuna na?” Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga. [“Eqinisweni, ningathanda

ukuba yena abuye ngoJuni ozayo futhi—futhi ahlale nje nathi na? Uma nithanda, yimani ngezinyawo zenu. Wozani.”—Umhl.] Ngiyabonga. [“Kulungile. Ningahlala phansi.”] Ngiyabonga, kakhulu. Lokho kuhle impela. Ngiyabonga, Mfowethu Parker. Impela ngi. . .

7 [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.]

8 Uthi zonke izindleko ikhokhiwe, nakho konke. Siyanithakasela nonke onokubambisana okuhle, usizo, ngoba, niyazi, kuyabiza ukuba nalezizingqungquthela. Futhi ngakho-ke yonke into ikhokhelwe. Lokho kuhle kakhulu. Siyabonga nje. Yonke into, phakathi nangaphezulu.

9 INkosi isindisile, yaphilisa, futhi yonke into eyenzekile, ngakho-ke siyajabula nje ukuba yilokho. . . ukubona lokhu. Siyakuzonda ukubona lomhlangano uya emlandweni. Kodwa uzovela futhi e. . . Emuva le, ezikhathini ezizayo, sizobona imiphumela.

10 Manje sifuna ukubonga wonke umuntu futhi ngo, ngifuna uku, ngeziph o ezincane eningithumelele zona ngalesisikhathi. Ngiyakuthakasela lokho impela, kakhulu impela.

11 Futhi manje, siyahamba manje siyehla ukuvakashela uMfowethu Bigbee eSouth Carolina, eColumbia, eColumbus, eSouth Carolina. Futhi sizofanele sibe lapho kusasa ebusuku nangoLwesibili ebusuku, noMfowethu Bigbee. Bese-ke siya ngale eWest Coast.

12 Ngifuna ukunicela, bese kuthi-ke, ukusuka lapho, ngiyacabanga, emva kokuba sesiqede lomkhankaso phezulu lapho, ngifuna ukuya e-Afrika, e-Australia, eNew Zealand, ngedlule nalapho. Ngingazinxusela imikhuleko yenu, ukuthi uNkulunkulu uzongisiza na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi ngiyabonga kakhulu.

13 Futhi siyabonga kakhulu ngazo zonke izinto. Ngizisholo lokho mina uqobo nangabantu olapha abavela etabernakele. Nginokwethu. . . noma abanye babaphatheli bethu lapha, nabadikoni, nabanye babangani bami abavela ezansi lapho.

14 Umelusi wethu ulapha. Angikaze ngikwazi ukubona uMfowethu Neville. Ngicabanga ukuthi wethuliwe. Usethuliwe na? [UMfowethu Parker uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ya. Mfowethu Neville. Ukuphi, Mfowethu Orman. Angikwazi nje ukukukhipha. Futhi, o, he! Emuva lapho, kukhulu nje. Awenyukele lapha umzuzu.

15 Lendoda, ngiyazi ukuthi iyinceku yeqiniso kaKristu. WayeyiMethodisti engaguqulekiyo, futhi khona-ke wemukela uMoya oNgcwele. Manje uyMethodisti enoMoya oNgcwele. Lona ngumelusi wethu oyigugu.

<sup>16</sup> Ngifuna ukukuxhawula, Mfowethu Neville. [UMfowethu Neville uthi, “Ngiyabonga. UNkulunkulu akubusise. Kuhle ukukubona.”—Umhl.] Ngiyabonga. Unezihlalo. . . ? . . .

<sup>17</sup> Sengimaze iminyaka uMfowethu Neville, nowakhe othandekayo, umkakhe omncane, ngisho ngaphambi kokuba bashade. Futhi iminyaka engimaze ngayo, akakaze ashintshe nakancane, kuphela nje ukhuphukele phezulu kuNkulunkulu. Yilokho kuphela. Kodwa ungothembekile. Siyamthanda manje njengomelusi. Ubelapho iminyaka, futhi siyethemba uyahlala kuze kufike uJesu, uma kuzoba yintando yeNkosi.

<sup>18</sup> Futhi ubungathanda ukusho izwi nje kubantu, Mfowethu Neville na?

<sup>19</sup> [UMfowethu Neville uthi, “Awu, ngijabule ngempela ukuba lapha ngokubambisana nalendoda enhle kaNkulunkulu, lokho kube yinhlanhla ukhlangana nayo lena iminyaka eyishumi. Angazi noma ngenze uGehazi okahle, noma qha, kodwa ngizamile ukuphatha udondolo lwalendoda kaNkulunkulu. Ingaphezu komngani kimi. Ibikade, njengoba bekunjalo, ubaba eVangelini, kimi, futhi, nakuba ngiyedlula ngeminyaka embalwa—Umhl.]

<sup>20</sup> [“Kodwa, nokho, ngijabule kakhulu, futhi, ukuba kulomhlangano. Into ethile ingibambile ezansi lapha eSouthern Pines, ukuthi ngiyayithanda lendawo kahle ngempela. Futhi ngiyithokozele ngokwedlulele. Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu ubenesandla ekubeni ngikwazi ukuza lapha futhi ngibe noMfowethu Branham kulomhlangano. Ngakho-ke, ngijabule kakhulu ngokuba lapha, ukuthi izinto zisebenze ngokuvumelana okukhulu nokumangalisayo kakhulu, ukuthi angeke nje ngidumise iNkosi ngokwanele, kulobubusuku, ngakho konke lokhu.]

<sup>21</sup> [“Kodwa, ngaphezu kwakho konke, ngithe, ngenkathi ngifika lapha, kunento eyodwa eqhakambisa wonke umhlangano kimi, futhi lokho yileliZwi likaNkulunkulu. Amen. Bengingeke. . . Uma ngingakaze ngibone umuntu ephulukisiwe, uma ngingakaze ngibone noma ngubani ekhulekela abagulayo, uma uNkulunkulu eqhubeka nje enginika iZwi laKhe, nakho ukujabula okugcwalisa umphefumulo wami, futhi kuvela phansi ezinyaweni zami kuye phezulu ekhanda lami, leliZwi leNkosi. Futhi, amen.]

<sup>22</sup> [“Ngijabule ukuthi uNkulunkulu ulibusisile lelihora lenceku kaNkulunkulu nomprofethi. Futhi ngizizwele isiBusiso sisuka kuye siza kimi, ngakho-ke ngiyajabula ukuthi ngibe lapha. Ngiyethemba nonke nizizwele into efanayo enginayo, kulezizinkonzo. UNkulunkulu uyibusisile ngempela inceku yaKhe ezansi lapha kulendawo. Isizathu ngazi lokho, ukuzwakalisile esikhashaneni esedlule. Futhi izinto ezinkulu nezizamandla esinazo ekuKholweni, kulobubusuku!]

<sup>23</sup> ["Baba, iBhayibheli liyasifundisa, asidingi ukuba nezinto ezibonakalayo. Konke esikudingayo ukuthi, lapho sikhuleka, sikholwa, futhi sesivele sinakho. Amen. Nginazo manje, ngoba yileyo ndlela iBhayibheli elikusho ngayo. Futhi ngijabule ngalokho, ngoba uNkulunkulu wenza lezizinto ezimangalisayo ngalokhu, umelusi wethu, inceku kaNkulunkulu nomprofethi, uMfowethu Branham. Futhi kwangathi iNkosi ingambusisa njalo futhi iqhubeke nokumgcina kuleNdelela. Ayidunyiswe iNkosi!"]

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Neville, ngokusuka enhliziyweni yethu yonke.

<sup>24</sup> Manje, niyazi, uma uya kwipikiniki, uma umuntu othize ezabalaza esihlahleni esincane ndawo ndawo, awu, angeke, angeke wazi noma kuselapho noma qha, niyabo, ngoba kuvele kwasuka nje, kwazabalaza, noma okuthize. Kodwa uma wazi ukuthi kukhona um-oki omdala ohlale nje waqina, wena kahle ungacabanga ngokungena ngaphansi kwalesosihlahla futhi uphumule. Lowo nguMfowethu Neville, ngokufanayo nje nsuku zonke, kuqhubeke nje ngqo. Ngakho-ke ngiyajabula kakhulu ngalokho.

<sup>25</sup> Sino—sinomunye umfowethu lapha, umelusi omncane, elinye lamabandla angudade webandla lethu ezansi lapho. Uma engeniyuki, ngizothanda ukuba asukume, Mfowethu Junior Jackson, omunye oyiMethodisti egcwaliswe ngoMoya oNgwele. Junior Jackson, ukuphi na? Mfowethu Junior Jackson, oyiMethodisti, egcwaliswe ngoMoya oNgwele. Nangu, khona *lapha*, Mfowethu Jackson. Kukhona ofuna ukukusho, noma yini ofuna ukuyisho na? Kulungile.

<sup>26</sup> Omunye lapha nguMfowethu Palmer, omunye wabafowethu lapha. Ungasukuma nje, Mfowethu Palmer na? Umelusi ovela ezansi eMacon, eGeorgia, ungomunye wabangani bethu.

<sup>27</sup> Futhi uMfowethu Fred Sothmann, ngiyazi ulapha. Ungomunye wabaphatheli bethu ebandleni. Ukuphi, Fred na? Ndawo ndawo phakathi lapha, uhlezi emuva ngemuva.

<sup>28</sup> Mfowethu Banks Wood, ukuphi, Mfowethu Banks na? Ungomunye wabaphatheli bethu, *ngapha*.

<sup>29</sup> UMfowethu Banks wayenguFakazi kaJehova, niyazi. Futhi ungena emhlanganweni, futhi wayenomfana okhubazekile, uDavid, umlenze wakhe ushwabene, ngenxa yovendle. Futhi ngangisemhlanganweni wethende, futhi okokuqala wayebone i... Wayelapho e—eDallas, ebusuku... noma, eHouston, ngenkathi uMoya oNgwele wehlela phansi ngesimo salokho kuKhanya, futhi bathatha isithombe saKho. UMfowethu Wood wayekhona. Ngakho-ke, ngangingamazi ngaleyonkathi. Futhi wahlanganisa imali eyanele. Ungusonkontileka. Wenyukela emhlanganweni olandelayo. Ngaya phesheya kwezilwandle, ngisuka lapho, futhi ngaya emhlanganweni olandelayo.

Wayenomfana wakhe okhubazekile, novendle. Futhi ngenkathi sise . . . ngangimi lapho ngaphansi kogcobo lukaMoya oNgcwele, ngibuyela emuva ngaphesheya kwesixuku, ngakhuluma naye. Ngamtshela ngakho. Ngamtshela ukuba asukume.

<sup>30</sup> David, ukuphi na? Ngabe ulapha, kulobubusuku na? Ya. Umfana owayekhubazekile, nguyena. David, uma abantu bengakholwa ukuthi uNkulunkulu angamphulukisa umuntu osonteke umlenze wakhe ngovendle, nezinto, ngifisa sengathi ungavele uphumele lapho, umzuzu nje, ubakhombise ukuthi ungahamba. Ya. Ya. Nakhu, kungesikho ukwenza umbukiso emphakathini, kodwa nje ubufakazi. Nakho, niyabo, akukho ngisho ukuxhuga noma lutho okunye, uphile ngokuphelele futhi uphilile. Niyabo? Ngempela, kuyamangalisa ngempela, lokho iNkosi yethu engakwenza. Manje, uma Izomenzela lokho, ngani, Izokwenzela omunye umuntu. Niyabo? Ngakho-ke, impela, kungukuthi nje uma singathola lolohlobo lokukholwa.

<sup>31</sup> Manje, kusobala, nonke nejwayele, ukwazi uMfowethu Ben phansi lapha. Yena nje . . . niyazi, lomuntu ongamuzwa ngaphezu kwawo wonke umuntu, ethi, “Amen.” Ngizonitshela kancane. Ngiyakuzonda ukusho lokhu kuye; umkakhe ehlezi lapho. Sonke siyamthanda uBen. Futhi kwakungaphambi kokuba ashadelwe. Ngangiphandle eWest Coast. Futhi lowomfana uvela eningizimu Indiana.

<sup>32</sup> Ngangiphandle lapho eWest Cost, ngishumayela nje le, phezulu obusukwini obubodwa, eSan Fernando Valley, isigodi, nabantu beBaptisti, ithende elikhulu ligcwele abantu. Manje, bangabantu abaphucukile, niyazi. Futhi ngangishumayela nje le. Ngokuqondile ngezwa ukuklabalasa; izinwele ezimnyama eziyisiqhova, eqhaqhazela, njengo—njengo—njengo—njengomMexico; izinyawo ezimbili ezinkulu ziphakamele emoyeni; izandla zakhe *kanjalo*. Ngama. Ngathi, “Ben, uvela kuphi nezwe phandle lapha na?” Wayelapho.

<sup>33</sup> UNkulunkulu akubusise, Ben. Awungaphezu nje kunokuma, sukuma nje, wena nomkakho. Sizothanda nje ukuba abantu ukuba . . . Mfowethu Ben, yilowo obekade enza bonke o “amen” ezansi lapha *kuleli* khona lapha. UNkulunkulu akubusise. [UMfowethu Ben Bryant uthi, “Siyayifisa yonke imikhuleko yenu. Sithemba ukubuyela emuva ensimini yokuba yisithunywa senkolo, ngaphambi kwesikhathi eside kakhulu, singene ezintabeni, Mfowethu Branham.”—Umhl.] Amen. UNkulunkulu anibusise.

<sup>34</sup> UMfowethu Way, esinye isithunywa senkolo, ezama ukuthola indlela yakhe ngale emasimini ezimishini. Unathi, kulobubusuku. Siyamazi. Ubekade egongobele ezansi endleleni yethu isikhashana. Ukuphi, Mfowethu Way na? Ngabe usemhlanganweni na? Khona *lapha*, nonkosikazi wakhe. Futhi manje, ngiyanitshela, impi phakathi kweNgilandi neNorway

ixazululiwe. Uyindoda eyiNgisi, futhi ungowaseNorway. Konke sekuphelile. Abantu abathandekayo. Yebo, mnumzane. Impi isiphelile.

<sup>35</sup> UMfowethu Boze wayesezansi, ngobunye ubusuku, ekhombisa isithombe sakhe, futhi ethi, “O, awu,” wathi, “kukhona owesifazane...” Lowo nguDadewethu Sothmann. Futhi ngifisa sengathi bengingamsukumisa, noFred, phakathi lapha ndawo ndawo. Abantu abathandekayo. Futhi ungowaseNorway. Kusobala, Mfowethu Boze ungowaseSweden. Futhi wathi, “Hhe! Hhe!” Uyazi ukuthi uJoseph ukwenza kanjani. Wathi, “Kukhona inenekazi lapha, udadewethu,” wathi, “ungowaseNorway.” Wathi, “Kusobala, uma ungeke ube ngowaseSweden, kuhle ukuba ngowaseNorway.”

<sup>36</sup> Waphumela ngaphandle, wabuka ngapha kimi. Futhi ngathi, “Kusobala, Joseph, kubi kakhulu ukuthi bonke angeke babe ngum-Irish, amadoda angum-Irish.” Ngakho-ke sonke sinomqondo wokwemukela okuhlekisayo ezansi lapho.

<sup>37</sup> Mfowethu Higginbotham, ukuphi na? Khona lapha ndawo ndawo, awu, enye indoda emesabayo uNkulunkulu evela ezansi endleleni yethu. Omunye owayengumphatheli ebandleni ezansi lapho, iminyaka neminyaka. Nomngani wakhe, uDadewethu Arganbright, uDadewethu Ruth Arganbright, khona lapha. Ngikholwa ukuthi uhlezi phandle lapha esikhaleni sezihlalo. Sukuma. Bangaki omaziyo uMinor Arganbright na? Omunye wamaphini kamongameli weFull Gospel Business Men, umzala kuye.

<sup>38</sup> O, he! Uma ngigeja omunye wenu bafu! Mina, ngiyaziqhenya ngani, nonke. Ngiyajabula niphezulu lapha kanye nathi. Asikwazi, ukungena nokuphuma.

<sup>39</sup> UMfowethu noDadewethu Dauch behlezi lapho, futhi, noDadewethu Brown, uMfowethu uBrown.

<sup>40</sup> UMfowethu McKinney, omunye umshumayeli weMethodisti onoMoya oNgcwele. Ukuphi, Mfowethu McKinney na? Ukuphi, ngalapha na? Uvela phezulu e-Ohio. *Lapha*, emuva le lapha, omunye onelungelo lokuzisebenzela, ozalelwa kuleliZwi, iMethodisti ezanyazisiwe. Kunjalo. Manje, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, uqhubekela phambili wenzela uNkulunkulu.

<sup>41</sup> UPat Tyler, omunye umngani wami wesifuba ehlezi ngapha. Mfowethu Pat, sukuma. Ningahle nonke nimazi uPat Tyler. Ngiyabonga, Mfowethu Pat. UNkulunkulu akubusise. Wayengumgulukudu, umdubuli, umbulali. UNkulunkulu wamsindisa futhi wenza ongcwele ngaye. Eshaya izithupha ecela ukugibela ezweni lonke, ukulandela imihlangano nezinto.

<sup>42</sup> Niyazi ukuthi ngicabangani ngalababantu, ukuthi bavelaphi na? Ngicabanga ngamaHeberu, isahluko 11, “Banqunywa ngesaha, futhi bazulazula bembethe isikhumba sezimbuzi

nezikhumba zezimvu, izwe elingabafanele.” Bonke bathwala ubufakazi babo.

<sup>43</sup> Tom Simpson, uphi uTom na? Ngabe ukhuphukile na? Bengicabanga ukuthi ngibone imoto yakhe phandle lapha. Yena nomndeni wakhe, bengicabanga ukuthi ubelapha. Mhlawumbe benginephutha. Yebo. Begwija phansi naphezulu njengokuluma entanjeni yokudoba laphaya, “ngqubu-ngqubu,” kanjalo. Kulungile.

<sup>44</sup> INkosi inibusise nonke. Siyajabula ukuba lapha. Nampa abanye abavela eGeorgia, izindawo ezahlukahlukene. Futhi siyajabula ukuthi nonke nilapha, nokuhlangana, kwabangani bethu bakudala.

<sup>45</sup> Ngibuka uDadewethu Peckinpaugh ovela eChicago? Ngicabange ukuthi benginjalo. NoDadewethu Little, futhi eceleni kwakhe, no—noDadewethu D’Amico, abayigugu, abantu abathandekayo abavela eChicago, leloqembu labesifazane ebelithandeka kakhulu kimi.

<sup>46</sup> Nabanye abahlezi lapha. Umfowethu, angikwazi ngisho ukubiza igama lakhe, nabavela ezansi eGeorgia ndawo ndawo. Ngi...Konke lokho, o, he, bavele nje bonke banamathela ngapha. Siyajabula ukuba kulenhlanganyelo.

<sup>47</sup> UMfowethu uBosworth omdala wayevamise ukungitshela, wathi, “Mfowethu Branham, uyazi ukuthi yini inhlanganyelo na?”

Ngathi, “Ngicabanga kanjalo.”

<sup>48</sup> Wathi, “Abafo ababili emkhunjini owodwa nje.” Ngakho-ke nakho lapho ukhona, kodwa sinenhlanganyelo. INkosi ibe nomusa kini.

<sup>49</sup> Ngiyanibonga ngakho konke enikwenzile. Futhi ngizobeka omunye walena, lomhlangano, phansi ohlwini lwami, njengomunye womaka ababomvu wezinsuku zami zenkonzo, ngokubambisana kwenu okuhle, lababafowethu abakahle nodadewethu, futhi wonke umuntu emukelekile kakhulu. Ukuzizwela kanjalo usekhaya nje, ngize ngishumaye mina uqobo ngishe izwi.

<sup>50</sup> Manje, uMfowethu Ned Iverson usazoqhubeka nezinkonzo emuva kwami, ezansi e—eColumbia, ezansi kanye noMfowethu Bigbee. Mfowethu Ned, ngabe ungaphakathi, kulobubusku na? Angazi noma...Yebo, emuva ngemuva. IPresbyterian, egcwaliswe ngoMoya oNgcwele. E-hhe.

<sup>51</sup> Futhi uDkt. Lee Vayle nomkakhe, abayigugu, abangani abathandekayo bami. UMfowethu Vayle usebenze kanye nami emhlanganweni, umngani oligugu. Ngicabanga ukuthi lamadoda onke ethuliwe nezinto. Ngabe nilapha, Mfowethu Vayle na? Ngabe nisesakhiweni, kulobubusuku na? Emuva ngemuva. INkosi ikubusise. Dadewethu Vayle, ukuphi na?

Angingaphezu kunokuba ngivayizelise kuwe. UNkulunkulu akabusise, dadewethu. Siyajabula kakhulu ukuba nabo bonke lapha.

<sup>52</sup> Futhi nonke ngikhulekeleni manje. Futhi ngiyaqhubeka nje ngokukholwa, ngikhohwa ukuthi, kakhulu noma ngasiphi isikhathi, singahle sibone ukuFika kweNkosi. Angazi nje ukuthi kanjani, nini, kuphi, kodwa ngifuna ukulungela uma Efika. Futhi ngezinye izikhathi ngingahle ngicabange ukuthi kungahle kube *ngalendlela*, futhi kungahle kube ngenye indlela. Kodwa, empeleni, ngifuna ukuba lapho lapho Efika. Ngifuna ukuhamba kanye naYe. Manje, lokho ukulangazelela kwami. Futhi hhayi ukuthi kuphela ngifuna ukuhamba; ngifuna bonke abangani bami, futhi ngifuna zonke izitha zami, ukuba zihambe, nazo. Ngifuna wonke umuntu ahambe.

<sup>53</sup> Ngibe nombono omncane, noma, angifuni ukukubiza ngokuthi ukuguqulwa. Angikaze ngibe nombono onjalo. Ngangimile phezulu lapho ngikubuka, ngibuka emuva kimina uqobo, lapha maduzane. Abangingi benu bakufundile kwiphaphabhuku nezinto. Abangani, angeke ni—nikwazi ukugeja lokho. Ningakwenzi nje.

<sup>54</sup> Manje, kukhona ndawo ndawo lapho. Ngangilapho njengoba ngilapha, ngibuka emuva kimina uqobo. Ngibe nemibono. Ngiyazi ukuthi imibono iyini. Uma lokho kwakungumbono, kwakungoxakile kwengake ngaba nawo. Futhi ngibabonile abantu, labo asebedlule. Ngibabonile lapho. Omdala wayesemncane. Futhi babemile lapho, izidalwa ezingabantu njengoba nje nginjena, kuphela bengenasono. Kwakungaphezu kokuphelela. Okuphakeme kakhulu! Angeke nje wa—washi ukuthi kwakuyini.

<sup>55</sup> Futhi lapho sengaze ukuthi ngizofanele ngibuyele emuva, kwakunento eyodwa kuphela, ukuthi, ngizobuya, ukuzama ukuncenga abantu. Noma ngabe yini oyenzayo, ungakugeji. Ungakugeji. Ungakugeji. Angeke wakwazi ukukugeja. Yonke enye into, makuthi yonke enye into ihambe, kodwa lungiselela lokho, niyabo, noma ngabe yini oyenzayo.

<sup>56</sup> Ngizobe ngiya emasimini ezimishini manje, uma iNkosi ithanda, kulobubusika, uma sengibuya kuloluhambo, ngakhoke ngikhulekeleni. Ngoba, lapha kulula, kanye ngesikhashana ubona umoya ongcolile ungena emhlanganweni futhi uzama ukuphazamisa. Kodwa kulezozindawo, lezo yizinyangabathakathi nodeveli. Kungcono wazi ukuthi ukhuluma ngani. Impela yiba nakho. Isizathu, bangamadimoni, futhi bazokuphonsela inselelo khona lapho ezansi. Kodwa, o, kanjani, akukaze nakanye...ngikusho nesandla sami lapha eBhayibhelini lami. Akukaze nakanye, futhi niyazi ungacabanga ukuthi kukangaki emhlabeni jikelele kuphonselwe inselelo, kodwa lokho uNkulunkulu akungenise enkundleni



wasedabula amakhethini emuva, futhi wazikhombisa Yena uqobo, uNkulunkulu, ngokufanayo nje njengoba Wayenjalo ngesikhathi sikaEliya. UsenguNkulunkulu. Ya. Akukaze nakanye. Yingalesosizathu mina . . .

<sup>57</sup> Abanye benu, abanye abefundisi, bayafika bangicele ukuba ngize ezindaweni zabo. Ngilinda ngize ngizizwele ngiholeleka ukuba ngihambe. Khona-ke uma ngifika, ngiza nje ngegama lami uqobo, uma ngiza kanjalo, ukuba nje ngibe ngumngani wakho. Kodwa lapho ngizizwa ngiholeleke ukuthi ngize, khona-ke ngingeza ngeGama leNkosi uJesus. Susa izinyawo zakho kuleyondiza, ingeyami. Amen. Ngiyakulawula konke, eGameni likaJesusu Kristu. Khona-ke ufanele uhlangane naYe phandle lapho khona-ke, ngoba uyinxusa likaNkulunkulu ngaleyonkathi. Kodwa manje, lapho elinye ibandla likuthuma, noma, omunye umngani ekubiza, okuthize, uyahamba nje, ucabangela futhi. He, ucabangela! Ngicabanga ukuthi ukhathele ukulalela lowo.

<sup>58</sup> Manje ake siphenye iBhayibheli elidala elinomusa. Futhi ngaphambi kokuba senze lokho, asikhuleke. Niyabo, siyakhuluma, no—nokunye nokunye, futhi manje ake sibeke phakathi nendawo izingqondo zethu ngakuYe manje emizuzwini embalwa elandelayo.

<sup>59</sup> Baba wethu waseZulwini, besibonga abantu ngomusa wabo, nangeyabo emikhulu, imizwa enobubele ngakithi, nokuthi sibathakasela kanjani. Futhi manje, Baba, sifuna ukubonga Wena, ngaphezu kwakho konke, ngoba nguWe, Nkosi, owenze lokhu. NguWe osibusisile futhi wasivumela ukuba sihlale ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu. USathane ubezophazamisa futhi—futhi one umhlangano wethu. Kodwa Usithande kahle kakhulu nje, waze Wasivumela sonke sihlangane ndawonye futhi sibe nenhlanganyelo ngaseZwini. Futhi siyayithakasela kakhulu, Nkulunkulu. Nakuba ngithe ukusha izwi kancane ngenxa yokusha kwephimbo, Nkosi, ngibe nesikhathi esimnandi kangaka, ngizizwela uMoya waKho ubusisa umphefumulo wami. IZwi, lingafuni lutho, ligeleza nje njengemifula, ngize ngifanele ngihlale phansi. Nkulunkulu, ngiyabonga kakhulu ngalokho.

<sup>60</sup> Futhi kwangathi uMfowethu Parker, nabo bonke abasebenzi bakhe, nalendawo esimemile, Nkosi, sengathi bangabusiswa. Banikeze izinkulungwane zemiphefumulo. Yizwa, lapho bekhulekela abagulayo. Yizwa imikhuleko yabo, Nkosi, futhi uphulukise abagulayo. Futhi lapho bezama ukwenza okuthile eGameni laKho, kuhloniphe, Nkosi. Banikeze isithelo sikaMoya. Futhi i . . . Futhi banikeze isifiso esikhulu senhliziyo yabo, Nkosi, imiphefumulo yokuqashwa kwabo. Kwangathi, ngaloloSuku lapho simi lapho phambi kwaKho, kwangathi imiphefumulo ingavela ndawo zonke, begaxa ngezingalo zabo lena eyigugu, indoda emesabayo uNkulunkulu nabasebenzi bayo, “Ukube

awuhlalanga ensimini, Mfowethu Parker, besingeke sibe lapha.” O Nkulunkulu, siyazi ukuthi leso yisifiso esiqotho sanoma iyiphi inceku yeqiniso kaKristu, siyazi ukuthi bangahola ezizihluphekelayo, izidalwa ezingabantu ezilahlekile kuKristu osindisayo. NgiyaKubonga ngakho konke.

<sup>61</sup> Futhi manje, Nkosi, siyakhuleka manje ukuthi Uzobusisa ngamunye. Futhi ubusise imihlangano ezayo, yonke indawo. Hamba nabo lonke ikhaya. Yiba nabo njengoba sihamba, kulobubusuku, ukuya emakhaya ethu ehlukeni. Yiba nathi endleleni. Hlala esondweni. Qhelisa isitha kithi, Nkosi. Futhi ngikhuleka ukuthi Uzoswipha lezizinto.

<sup>62</sup> Manje siphe isifiso sezinhliziyo zethu, sonke isicelo, kulobubusuku. Futhi esami singukuthi, Nkosi, ukuthi Uzohlephula iSinkwa sokuPhila kithi futhi, kulobubusuku. Kukhona abanye lapha abangasindisiwe, basindise. Noma ngubani odinga uMoya oNgcwele ngombhaphathizo, kwangathi Ungafika kulobubusuku. Noma ngubani ogulayo; baphulukise. Noma ngubani okhathazekile; banikeze injabulo. Siphe khona, Nkosi. Busisa iZwi laKho manje njengoba siLifunda, futhi kwangathi uMqalisi angasinikeza ingqikithi. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

<sup>63</sup> UJohane oNgcwele, isahluko 1, 35 kuya e 41, ngithanda ukufunda lamaZwi ayigugu.

*Futhi ngangomuso futhi wayemi uJesu, nababili kubafundi bakhe; . . . (Ngiyaxolisa.) . . . wayemi uJohane, nababili babafundi bakhe;*

*Ebona uJesu ehamba, yena wathi, Bheka iWundlu likaNkulunkulu!*

*Futhi abafundi ababili, abafundi ababili, bezwa ekhuluma, bamlandela uJesu.*

*Khona-ke uJesu waphenduka, wababona belandela, wathi kubo, Nifunani na? Bathi kuye, Rabi, (okungukuthi ngokuhunyushwa, Mfundisi,) uhlalaphi na?*

*Wathi kubo, Wozani nibone. Futhi ngakho-ke beza babona lapho ehlala khona, bahlala naye ngalolosuku: kwakungaba yihora leshumi.*

*Omunye walabo ababili abamuzwa uJesu noma . . . uJohane ekhuluma, bamlandela, wayengu-Andriya, umfowabo kaSimoni Petru.*

*Yena uthola umfowabo uSimoni, wathi kuye, Simfumene uMesiya, okungukuthi, ngokuhunyushwa, uKristu.*

*Wamyisa kuJesu. UJesu wambheka, wathi, Wena unguSimoni kaJona: uzakubizwa ngokuthi uKhefase, okuhunyushwa ngokuthi Itshe.*

64 Manje kwangathi uNkulunkulu angenezela izibusiso zaKhe kuleliZwi. Manje, ngifuna ukudweba, kulobubusuku, uma iNkosi ithanda, isikhashana, okwe—igama, amagama amabili engifuna ukuwasebenzisa kulokho lapho. Amagama amabili engifuna ukuwasebenzisa lingukuthi “ukushisekela” no “kuneliseka.”

65 Manje, njengoba sazi, futhi sonke siyakwenza, ukuthi thina manje sibona ukuphola okukhulu, ezizweni. Ngiqala ukuphuma, kwakukuningi okucwebezelayo emhlanganweni. Abantu babesemihlanganweni yomkhuleko, yonke indawo. Ngagxekwa amaphepha angigxeka. Owesifazane oyedwa washayela amamayela ayizinkulungwane ezintathu etekisini, ukuba nje afike emhlanganweni eCanada. Abasashisekele nhlobo. Kubukeka sengathi sekube nokuwa. Futhi kubukeka sengathi akusekho ukushisekela okuningi, akusekho okuningi kakhulu, noma kanjani, kungesikho okuningi njengoba bebefanele. Ukushisekela okuncane kakhulu.

66 Manje, mayelana nokushisekela kuphela esinakho, akusiyo imihlangano yobusuku bonke. Lapho, nga—ngangihlala emsamo kanye izinsuku eziyisishiyagalombili nobusuku, ngaphandle kokuhamba, ngizama ukukhulekela bonke abantu. Futhi ekugcineni, kwakukhona abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amane nento belindele ukukhulekelwa. Niyabo? Angikwazanga ukukwenza. Kodwa babethatha iqembu *ngalendlela*, futhi bangene emahlathini; babethatha iqembu *ngalendlela*, baye emahlathini; abefundisi bekhulekela abantu kwedule kuze embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Babengaphumuli nje baze bemukele uMoya oNgcwele.

67 Ngicela uxolo. Ngithe izinkulungwane ezingamashumi amane nambili. Ngiyakholwa, ubungabuka phezulu ephephabhukwini, kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nesishiyagalombili, kwakunjalo, ababesalokhu belindile. Amamayela ngaseJonesburg, kwakungekho ngisho indawo owawungayiqasha. Namadolobha amathende phezulu, nakho konke. Abasashisekeli nhlobo. Niyabo? Imililo yemvuselelo iyalotha.

68 Ukushisekela, manje sekungukuthi, “Woza nje futhi ujoyine ibandla.” Noma, ukushisekela okukhulu ngukuthi, ukuthi, “Sekela imishini yomsakazo ethile, noma udaba oluthile lwethelevishini, nokulwenza lube uhlobo oluthile lombukiso,” nese—sesilungile, isizathu, impela. Izakhiwo ezinkulu, ukwakha izikole ezinkulu, nokunye nokunye, kanjalo. Kubonakala sengathi lokho nguku—ukushisekela manje. Uhlobo lokulahleka kombono walowomkhuleko nokucindezela, futhi njengoba babevamise ukuba nakho. Ayikho into eyenzekile. Ngingathanda nje ukwazi ukuthi bekuyini. Futhi manje ababonakali beshisekele ngakho.

<sup>69</sup> Ungalivakashela *lelibandla*, noma ubize abantu ukuba beze e-altare, futhi kwakuvamise ukuthi babeyovele bagijimele e-altare. Futhi ngibone isikhathi ngenkathi ngangishumayela, ngaphambi kokuba ngisho ngiqede intshumayelo yami, i-altare futhi phansi phezulu ezikhaleni zezihlalo kwakunabantu beshaye ulayini. Ngisibonile isikhathi lapho uMoya oNgcwele wawuphumela ezethamelini, futhi—futhi ubikezele futhi utshele umuntu othize okuthize, futhi abantu bemangala futhi baquleke ngqo esihlalweni sabo.

Kukhona okungahambi kahle ndawo ndawo.

<sup>70</sup> Kusalokhu kwenza into efanayo. Kusalokhu kuyiVangeli elifanayo. Angikaze ngishintshe nakancane selokhu ngaqala. Ngaqala nje ngelingembethe, iZwi likaNkulunkulu elinqunu, futhi ngahlala kuLo ngqo, kusukela lapho. Iminyaka engamashumi amathathu nambili kade ngisemuva kwepulpiti, futhi angikaze ngihoxise noma yini noma ngiguqule noma yini; ngikusho ngendlela ngaqala ngayo. Angeke ngilihoxise. YiZwi likaNkulunkulu. Futhi—futhi uma ngiLisho njengoba nje Lishiwo *lapha*, ngesikhathi esizayo ngifanele ngisho into efanayo, ngoba *Nansi* indlela Elilotshwe ngayo lapha. Niyabo? Ngakho-ke, angeke nje wenze noma yini okunye ngaLo. Futhi uMoya oNgcwele usalokhu wenza into efanayo.

<sup>71</sup> Ngakho-ke, kodwa kubukeka sengathi akukho ukushisekela okwanele. Manje ngi . . . ngiyazibuza ukuthi kungani, kungani kungekho ukushisekela njengoba kwakuvamise ukubakhona na? Kuyi, ngikholwa ukuthi isizathu sokuthi uma kungekho ukushisekela okungako njengoba kwakuvamise ukubakhona, abanelisekile njengoba babevamise ukuba njalo. Ufanele uneliseke ngaphambi kokuthi ushisekele.

<sup>72</sup> Hhayi ukushisekela, uthatha isikhathi manje, esikhundleni sokuvangela nokuzama ukwenza okuthize, wonke umuntu ufuna isikole esikhulukazi, noma into ethize enkulukazi abangayifundisa, futhi—futhi benze abefundisi babe namamenazi angcono aseulpiti nokunye nokunye.

<sup>73</sup> Niyazi ukuthi yini engiyikholwayo na? Ngikholwa ukuthi abantu abanelisekile ukuthi uJesu uyeza masinyane. Angikholwa ukuthi banelisekile ukuthi Uza kulonyaka. Futhi ngikholwa ukuthi yingalesosizathu bengashisekele, ngoba abanelisekile ngokugcwele. Kunjalo. Abanelisekile ukuthi Unabo. Ukube bebenjalo, bebezobuyela eZwini. Kunjalo. Futhi manje abantu abanengi bangahle bangakuqondi kahle.

<sup>74</sup> Uthando, uthando lu—luqondisa izigwegwe. Ufanele ubaqondise izigwegwe abantu, uma ubathanda. Uma intombazanyana yakho ibihleli emgwaqeni, njengoba ngishilo namhlanje ekuseni, yenza amakhekhe odaka; uma uyithanda ngempela, ubuzoyisusa emgwaqeni.

75 Ubungathini ukuba umkakho ubethe. . . John *Othize-thize*, noma ngabe ungubani igama lakho, uyazi, umeke nje aphume agijime nenye indoda, ngoba wena uthe, “Busisa inhliziyi yakhe encane! Ufuna ukukwenza. Futhi ngiyamthanda nje kakhulu, ngizomyeka akwenze.” Ubuyoba ngumyeni onezaba ezintekenteke. Ubefanele akuyeke, futhi athole umuntu othize omthandayo, ozomnakekela. Bengingakuqondile ngaleyondlela, ngoba angeke ukwenze lokho.

76 Kodwa yini engizama ukuyithola na? Yilokhu, ukuthi, ukuba-ke uNkulunkulu ubeyothi ku-Eva, “Eva omncane bandla. Uyazi, ungumntwana waMi. Ngi—ngi—ngi. . . Wena ubungaqondile ukwenza lokho?” Kusobala, ubungaqondile ukukwenza. Impela, ubungaqondile. Kodwa ukwenzile. Futhi siyazi ukwenzile. Siyayibona imiphumela yakho okwamanje. Kodwa, niyabo, Wa—Wayemthanda, futhi Wa—Wayefanele agcine iZwi laKhe kuye.

77 Futhi uNkulunkulu uzofanele agcine iZwi laKhe kithi, ngakho-ke sifanele silalele iZwi laKhe. Futhi uma silalela iZwi laKhe, futhi siMbone ekuqinisekisa lokho Athi Uzokwenza, khona-ke senelisekile, kunjalo, ukuthi iZwi linjalo. Manje, lapho sithola, siletha. . .

78 Lapha kungekudala, lo mvangeli omkhulu okaMohamede, nakufunda ephapheni, njengoba ngenzile. Lo okaMohamede waphonsela inselele lowomvangeli, ukuthi, “UJesu Kristu wayengumuntu okhonzwayo; ukuthi abantu babelandela umuntu.” Wayekholwa nguNkulunkulu ofanayo umvangeli ayemkholwa, kodwa wathi, “UJesu akasiyona iNdodana yaKhe. Kungukhonza nje okwenziwe ngumuntu.” Futhi umva-i. . . Waphonsela inselelo umvangeli, wathi, “I—iBhayibheli lashi ukuthi imisebenzi Ayenzayo, uKristu, abalandeli baKhe bazokwenza okufanayo.” Wathi, “Manje, ngizongenisa abantu abagulayo abangamashumi amathathu, futhi nawe ungenise abantu abagulayo abangamashumi amathathu, futhi ngizophilisa wonke umuntu obaphilisayo.” Niyabo? Futhi umvangeli wagijima. Washaywa ngumoya.

79 Futhi ukube ngangingumvangeli, ngiyakholwa, ukuba ngangingenakho ukukholwa okwenele ukukwenza, ngangingeke ngivumele lowo ongakholwayo ame lapho. Ngangiyothi, “Ngazi othile emazingeni ethu onokukholwa ukukwenza.”

80 Ngani na? Ufanele uneliseke, okokuqala, ukuthi nguNkulunkulu, khona-ke uyazi ukuthi umi kuphi. Yiqiniso. Neliseka, kuqala, bese-ke uthola ukushisekela kwakho. Nakuba abantu besho ukuthi uNkulunkulu ukanye nabo, kodwa. . . Akusikho konke. . . Umama wayevamise ukuthi, “Izenzo zikhuluma kakhulu kunamazwi.” Impela, kuyenzeka. Ufanele ukwenze, ukukholwe, uneliseke, khona-ke uzoshisekela.

<sup>81</sup> UJesu wathi, “Uma uNgithanda, yondla izimvu zaMi.” Manje, yilapho engicabanga ukuthi sehluleke khona kakhulu, ngukondla izimvu zaKhe. “Uma uNgithanda, yondla izimvu zaMi.” Namuhla, cishe, “Gunda izimvu zami.” Zifake endaweni futhi uthathe yonke into abanayo, ubenze babambise ngekhaya labo, nangayo yonke impesheni yabo yokuguga, nangakho konke okunye. Ukhuluma ngokugunda! UJesu akazange akusho lokho.

UMfowethu Parker ushilo, namhlanje ekuseni, “UNkulunkulu uyabathanda abantu baKhe.”

<sup>82</sup> Uyazithanda izimvu zaKhe. Wathi, “Zondle.” Futhi izimvu zifanele zibe noKudla kwezimvu. Futhi Akazange athi, “Fundisa izimvu zaMi.” Wathi, “Zondle,” hhayi ukuzifundisa. “Zondle. Zinike uKudla kwezimvu.”

<sup>83</sup> Yini uKudla kwezimvu? ISinkwa sokuPhila. UJesu uyiSinkwa sokuPhila, iVangeli, iQiniso. Lishumayele ngaphandle kokuxegisa. Khona-ke uyazi ukuthi lapho uyofanele uphendule ngoSuku lokwaHlulela ngomphefumulo wabo, njengomfundisi weVangeli ungama bese uthi, “Yilokho okwakulotshwe eZwini.” “Bondle ngeQiniso. Yondla izimvu zaMi.”

<sup>84</sup> Ngenkathi uJohane wayeshisekele kakhulu, ukuthi wayazi ukuthi uMesiya wayezofika ngonyaka wakhe. UJohane umBhaphathizi wayekwazi, ngakho-ke wayazi ukuthi uMesiya wayezofika onyakeni ayephila kuwo. Kodwa ngenkathi ephuma ehlane, akazange aqale izikole. Akazange aqale amakholiji. Akazange aqale izinhlango. Ngani na? Wayenelisekile ukuthi uMesiya wayezofika ngesikhathi sakhe. UKudla kwakhe, uMlayezo wakhe, isenzo sakhe, kwanikeza ubufakazi kuso.

<sup>85</sup> Futhi siyakholwa ukuthi Uzofika kulonyaka. Kungani sifuna ukubekelela into enkulu na? Kungani siyofuna ukwenza, sakhe izigidi zamadola ezikoleni nezakhiwo, bese-ke sithi uJesu uyeza na? Ngani, umphakathi wazi kangcono kunalokho. Bayazi ukuthi ukhuluma ngento ethize ongayikholwa. Yenza lokho esikushumayelayo. Kunjalo. Manje sifanele sikwenze lokho.

<sup>86</sup> UJohane wayeqiniseke kakhulu. Ngenkathi ezalwa, wayazi ukuthi wazalwa ngokuzalwa okuyinqaba.

<sup>87</sup> Sonke siyazi ukuthi uZakariya wayibona kanjani iNgelosi. Futhi lokho kufanele ukuthi kwakungukuzabalaza ezithandanini ezindala. UZakariya wayeyindoda esikhulile, no-Elizabethi wayengowesifazane osekhulile, kodwa babekholiwe ukuthi—ukuthi uNkulunkulu ngelinye ilanga wayeyobanika ingane. Wayeyinyumba. Futhi siyazi ngenkathi uJohane ezalwa, ukuzalwa okungajwayelekile, futhi azi ukuthi wayezoba yinceku kaNkulunkulu, kufanele ukuthi kwakunzima ezithandanini ezindala. Ngokuba bayazi, ngokwesikhathi sempilo, babengeke baphile ukubona lowomfana engena enkonzweni yakhe.

<sup>88</sup> Futhi ubaba kaJohane wayengumpristi. Kodwa esikhundleni sakhe, nalolobizo, ehlela ezansi ekholiji lapho ubaba wakhe wayephuma khona, wayengeke ehlele ezansi lapho. Wayengeke athathe amashansi kukho. Wayengeke nje axubane nakho. Ngoba, wakubona lokho, emBhalweni, wayefanele abe, “izwi lomemeza ehlane.” Wabona ukuthi wayezoba, “Isithunywa esasizohamba ngaphambi kukaMesiya.” Futhi yena ufanele aqiniseke ngakho. Futhi wahlala ehlane waze waneliseka, futhi khona-ke washisekela. Wayenelisekile. Wayefuna uku—wayefuna ukuhlala. Wayeqiniseke kakhulu ngakho, ukuthi wayezobona uJesu, waze washo lokhu, “Nango, Umi phakathi kwenu manje. Nango Oyedwa phakathi kwenu, Yena eningamazi.” O, ngiyakuthanda lokho!

<sup>89</sup> Kukhona Oyedwa phakathi kwethu, kulobubusuku, kodwa ngiyajabula ukuthi Yena siyamazi. Futhi ngiyakholwa ukuthi Nguye Ofakazayo. UMoya oNgcwele omkhulu uyafakaza ukuthi uJesu uyeza masinyane, ngoba kungokweZwi, futhi zonke izibonakaliso ziyagcwaliseka. Sisesikhathini sokuphela.

<sup>90</sup> Wayengafuni ukubalula ngaYe, enze noma yiliphi iphutha, ngakho-ke wahlala ehlane waze waneliseka ukuthi wayezokwazi ukuthi uMesiya wayengubani. Futhi uNkulunkulu wamtshela ukuthi hlobo luni lwesibonakaliso okufanele asibheke, ngenkathi ebona uMesiya. Ngakho-ke ngenkathi eMbona, futhi wabona isibonakaliso esasifanele siMlandele, wayenelisekile ukuthi wayenguYe. Wathi, “Ngiyafakaza ukuthi nguYe lowo.” Ngokuba, uNkulunkulu, Owayemtshelile, futhi wabikezela ngomprofethi, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba azalwe, “Wayeyizwi lomemezayo ehlane, ‘Lungisa indlela yeNkosi, futhi wenze indlela yaKhe iqonde.’” Futhi uNkulunkulu owayemkhethe ngaphambili, futhi wammisela ngaphambili emsebenzini, walindela kulowoNkulunkulu waze wezwa kulowoNkulunkulu. Amen. Ngenkathi lowo Nkulunkulu emtshela ukuthi kwakuzokwenzekani, wayenelisekile. Lapho ebone lesosibonakaliso, wathi, “NaNguya.” Amen.

<sup>91</sup> Uma nje besingabaqotho kangako! Uma besingalinda e-altare, hhayi ukuthola uhlobo oluthile lomuzwa omncane bese sigxumela phezulu futhi sibaleke, kodwa hlalani lapho. Kungenandaba ukuthi kwenzekani, hlala lapho uze uneliseke ngokuphelele ngamandla okuvuka kwaKhe, ukuthi uMoya oNgcwele ukubambile futhi uyakubamba futhi uyisidalwa esisha kuKristu. Hlala lapho uze ufe uphinde uvuke futhi, khona-ke angeke uye emanzini ungumzenzisi. Uzoya lapho, futhi uyazi ukuthi Wa—Wakufela, futhi wena wafa kanye naYe. Manje uya phansi, ukuba uvuswe kanye naYe futhi; ukhombise izwe ukuthi uyakholwa ukuthi Wafa futhi wavuka futhi, futhi ufile kanye naYe, futhi usevele uvukile futhi. Futhi manje uzohlala ezindaweni zaseZulwini, udle uKudla kwezimvu. Kunjalo.

<sup>92</sup> U-Andreya, lona omkhulu esikhuluma ngaye, umfowabo kaSimeyoni, wahlala ubusuku bonke, waze waneliseka. Njengoba wayesahamba ngasogwini, uJohane, lomprofethi omkhulu wayelokhu ethi, “Kukhona Oyedwa! Isikhathi sesisondele. Nonke nina nzalo yezinyoka otshanini, ningacabangi ukuthi nithi, ‘Ngingowalokhu, futhi ngingowalokho. Sino-Abrahama ongubaba wethu.’ Ngiyakutshela, uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe.” O, wayedlulisa nje, izembe empandeni yomuthi.

<sup>93</sup> Niyabo, uJohane wayeyindoda yasehlane. Bukani ukuthi wakhuluma ngani: izimbazo, imithi, izinyoka. Niyabo? Yilokho ayekujwayele, phandle lapho ehlane. Futhi wathi, “Izembe libekiwe empandeni yomuthi, futhi wonke umuthi ongatheli isithelo esihle uzolahlwa phansi futhi ushiswe.” Ukugawula umuthi ngezembe; unquma amakhanda ezinyoka, nayo yonke into. Wayeyindoda yasehlane.

<sup>94</sup> Akumangalisi ukuthi uJesu wathi, “Naphuma ukuyobonani na?” Lokho *Izibusiso Ezikhohlwakele*, njengoba ngishumayelile ngakho. Lapho Ewela igquma, abafundi bakaJohane bathi. “Naphuma ukuyobonani, umuntu ombethe izingubo ezinhle na?” Wathi, “Lolo uhlobo abalubiza ngo, ‘Dokotela, baba ongwele.’ Futhi bambatha izingubo ezithambile. Banga izingane, futhi beshadisa—abasha, futhi bangwabe abadala. Ubamba ummese wepeni.” Ubeyokwazi ini umuntu onjalo mayelana neNkemba ebanjwa ngezandla zombili phandle ekhaleni lempi na? “Naphuma ukuyobona oyedwa na?”

<sup>95</sup> Abanye bathi, “Khona-ke naphuma ukuyobona umhlanga ontengantengiswa umoya, noma yiliphi iqembu elincane elingafika, likushintshe usuka kulokhu uye kulokho, nalokhu kuya kulokho na?” Hhayi uJohane. Wayenelisekile. Wa—wayazi lapho ayehleli khona. Wayeyazi indawo yakhe. Wayengesuye uJohane ozulazulayo. Qhabo, qhabo.

<sup>96</sup> Wathi, “Khona-ke naphuma ukuyobonani, umprofethi na?” Wathi, “Futhi ngithi kini, omkhulu kunomprofethi. Ungaphezu komprofethi.”

<sup>97</sup> Ngakho-ke uJohane waneliseka, futhi uqala ukushumayela. Futhi u-Andreya wayekade ethamela imihlangano. Futhi ngakho-ke ngenkathi uJesu edlula, futhi u-Andreya nomunye umfundi babelapho, futhi uJohane wakhomba, futhi wathi, “Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe.” Futhi baMlandela.

<sup>98</sup> Ngiyakuthanda lokho. Ngifisa sengathi bengingaba nokufuzula okuningi kangako ekushumayeleni kwami. Uma ngithi, “Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe,” futhi wonke umuntu wayezoMlandela. He! Ake ngi. . .



“NgiMthola kuphi, Mfowethu Branham na?”  
Ngingakukhombisa.

<sup>99</sup> Kungekudala, ngangisemhlanganweni weBusiness Men. Futhi ngangishumayela eWest Coast. Futhi kwakukhona umfo othile owenyukela kimi, wayesethi, “Awusho, awusuye umshumayeli na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

Wathi, “Wenzani nalabo somabhizinisi na?”

Ngathi, “Ngingusomabhizinisi.”

Futhi wathi, “Hlobo luthi lwebhizinisi na?”

Ngathi, “Ibhizinisi lesiqiniseko.”

Wathi, “Hloboluni lomshwalense na?”

Ngathi, “Isiqiniseko.”

Wathi, “Uluhlobo luni na?”

<sup>100</sup> Ngathi, “Isiqinisekiso esibusisiwe, uJesu ungowami.”  
Ngathi, “Uma uyikhathalele ipholisi yomshwalense, ngingathanda ukuyixoxisana nawe.”

<sup>101</sup> Umngani wami, uMnu. Snyder, umfana oyigugu, ufika endlini yami. Futhi ngangimazi ngisengumfo omncane, futhi saya esikoleni ndawonye. Wathi, “Billy, ngithanda ukukuthengisela umshwalense.”

<sup>102</sup> Awu, ngaba nedili encane engadonselwa kuyo ngesinye isikhathi, emshwalenseni, futhi angikaze ngiphinde ngiyithathe. Ngakho-ke wathi... Ngathi, “Wilmer, impela ngi—bengingathanda... thanda wena, kodwa,” ngathi, “ngi—sengivele ngingaso isiqiniseko.”

Wathi, “O, unawo na?”

<sup>103</sup> Umkami wangibuka ngokungathi ngangingumzenzisi. Wayazi ukuthi ngangingenawo umshwalense nhlobo, kodwa ngathi, “isiqiniseko.” Niyabo?

<sup>104</sup> Yena wathi, “O, ngiyaxolisa, Billy.” Wathi, “Eyayiphi inkampani na?”

Ngathi, “UkuPhila okuPhakade.”

Wathi, “Angikholwa ukuthi ngake ngezwa ngaleyo nkampani.”

Ngathi, “Ufanele.” O, ngenelisekile ukuthi ilungile. Ilungile.

<sup>105</sup> Ngakho-ke, uJohane washumayela futhi wathi, “NaNto, iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe.”

<sup>106</sup> Ngenkathi ngimbona Ehamba enqamula ezethamelini, edonsa isoni, noma umuntu ogulayo, futhi ukhuluma nabo, futhi ngazi ukuthi Lowo nguNkulunkulu impela. Futhi noma ngubani, ubeyokwazi noma yini, ubeyokwazi ukuthi bengingeke

ngikwenze lokho. Ngingathanda ukuthi, “Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe.”

<sup>107</sup> Ngiyathana ukuba abantu, bathi, “Ngiyakukholwa. Manje sengiyaphenduka ezonweni zami. Ngiyamkholwa uJesu Kristu.” O, ngiyathanda ukubabona benza lokho.

<sup>108</sup> Futhi lababafundi basuka ngqo balandela uJesu. Futhi Waqalaza. Wabathola. Wayesethi, “Nifunani na?”

<sup>109</sup> Bathi, “Rabi,” ngokuhunyushwa, “Nkosi, uhlala kuphi Wena na?”

<sup>110</sup> Wathi, “Wozani nizobona.” Manje leso isimemo esihle kakhulu. “Woza uzobona.” Ngiyakuthanda lokho.

<sup>111</sup> Yilokho uFiliphu akusho kuNathanayeli, ngenkathi uNatanayeli wayethe, “Kungaba khona okuhle okungavela eNazareth na?” Wathi, “Woza uzobona.”

<sup>112</sup> Ngakho khona-ke, woza, uthole. Ungahlali ekhaya futhi ugxeke. Woza, uthole. Niyabo? “Woza, uzozibonela wena.”

<sup>113</sup> Manje, bathi kwakuyisikhathi sokuhlwa, ngakho-ke u-Andreya wahlala ubusuku bonke. O! Leyo indlela enhle. Wahlala waze waneliseka. Lokho lowoMuntu ayemtshele khona ngalobobusuku, lokho Ayekusho kuye, noma lokho Ayekwenzile, kwakukhona okuthile okwamenelisa ngokuphelele u-Andreya ukuthi WayenguMesiya.

<sup>114</sup> Ngosuku olulandelayo kuse-eli ngempela, ngiyacabangela, wahlwitha ibhantshi lakhe nesigqoko, futhi wehla, ngoba uPetru wayezobe edoba ezansi emfuleni. Futhi wathi, “Woza, ubone ukuthi Ubani esimtholile. NguMesiya.” Wayenelisekile. Lapho wayesenelisekile ngokuphelele ukuthi kwakunguMesiya, wayeshisekele ngomfowabo.

<sup>115</sup> Yileyondaba, kulobubusuku. Abantu abanelisekile ngoMlayezo. Abantu abanelisekile ngoMoya oNgcwele. Uma ngempela uthola ukweneliseka, khona-ke uyashisekela. Uyokwenza yonke into ongayenza, ukwenza noma yini ozofanele uyenze ngakho. Uthi, “Awu, Mfowethu Branham, angisuye umshumayeli.” Awu, ungenza okuthile, futhi.

<sup>116</sup> Khumbulani ngesinye isikhathi ngaba nomhlangano. Kwakukhona umlimi owathola ukusindiswa futhi wagewaliswa ngoMoya oNgcwele. Futhi wayengenalutho kuphela ngaphandle kwesipiliyoni sakhe, nethrakhi. Kodwa wadonsela abaningi emhlanganweni, wathola abanye abangamashumi amathathu abagewaliswe ngoMoya oNgcwele, ngaphambi kwakho...?...Ngani? Wayenelisekile. Futhi lapho esenelisekile, wayeshisekele. Indodakazi encane yaphiliswa. Siye saba nabantu abagulayo njalo ebusuku, ithrakhi ligcwele bona, ebaletsha bevela yonke indawo. Amashumi amathathu athola uMoya oNgcwele. Niyabo? Wayenelisekile ukuthi Kwakulungile, ngakho-ke wayeshisekele ngomunye umuntu.

Futhi thina si...Uma senelisekile ukuthi uJesu uyeza masinyane, sizoshisekela ngalabo abalahlekile bethu. Sizobe senza konke esingakwenza ukukhipha iVangeli.

<sup>117</sup> UJakobe wahlala ubusuku bonke, ngobunye ubusuku, ebambene. Leyonkosana ebambanayo, wabambana ngamandla ubusuku bonke. Wayekade evikana no-Esawu *lapha nalapho*. Wayesabela ukufa, ngaye. Futhi wezwa ukuthi u-Esawu wayeza. Wabeka umkakhe ngaphesheya komfula. Wawelela ngaphesheya kolunye uhlangothi futhi waguqa phansi. Niyazi, uNkulunkulu wehla futhi wabamba uJakobe, futhi babambana ngamandla ubusuku bonke. Ngakho-ke wa—wayenganelisekile ngokuphelele, okokuqala nje. Kodwa ngesikhathi uNkulunkulu aqeda ngaso ngaye, wayenelisekile. Yebo. Wahlala futhi wabambeleva waze weneliseka ukuthi kwakunguNkulunkulu.

<sup>118</sup> Mfowethu, wayengasamesabi u-Esawu ngaleyonkathi. Wawela umfula, futhi yena wayebuthakathaka futhi exhuga. Isikhathi esibi kakhulu ayengangena kuso, kubukeka kanjalo. Wa—waye—wayengobuthakatha ukwedlula konke ake abayikho. Wayekade ekhubazekile nakho konke. Kodwa u-Esawu wathi kuye, “Uzongivumela ngithumele impi ukuba ikusize na?”

<sup>119</sup> Wathi, “Angiludingi ngisho usizo.” Ngani na? Wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu, ayebe nokubamba kuye, wayengamwakekela. Haleluya! Uma abantu bebengenza lokho nje.

<sup>120</sup> Uma ungeneliseka ukuthi uNkulunkulu okubambayo, anyakazise inhliziyu yakho, akwenze isidalwa esisha kuKristu Jesu. Makuthi ukugula, ukufa, noma ngabe yini enye ize, unelisekile ukuthi Angakunakekela kahle. Impela. Amen. Ngiyakuthanda lokho.

<sup>121</sup> UShamgari, umfo omncane esakhuluma ngaye ngobunye ubusuku, wayeshisekele umndeni wakhe. Yebo, wayazi ukuthi babelambile. Futhi amaFilisti akhuphuka, inkulungwane yawo, ngiyakholwa, amakhulu ayisithupha nento. Ngiyakholwa, amakhulu ayisithupha abo akhuphuka ngomgwaqo, amadoda ahlomile. Wayeshisekele umndeni wakhe, ngoba babezobulawa yindlala ngalobobusika. Kodwa wahlala lapho, ecabanga futhi efundisisa. Ukuthi wayengenzani na? Wahlala lapho waze waneliseka ukuthi uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe.

<sup>122</sup> Manje, bukani ukuthi wayengacabanga ini. “Manje, lapha, baba wami Abrahama, engiveza emzimbeni wami uphawu lokusoka, ngenxa yokuthi ngikholwa ukuthi u-Abrahama wayeyindoda kaNkulunkulu. Wayenelisekile. Washiya ikhaya lakhe. Washiya yonke into ayenayo, ukuba akhonze uNkulunkulu. Futhi phezu kwentaba ngalolosuku, ngenkathi enikele ngenqama esikhundleni sika-Isaka, uNkulunkulu watshela u-Abrahama, ‘Ngoba wenze lokhu, inzalo yakho

iyakunqoba amasango esitha.” Kunjalo. “Inzalo yakho, Abrahamama, Ngiyakwethembisa. Ngiyafunga ngayo.” Haleluya! O, he! Manje ngizizwa nginokukholwa. “Ngiyafunga ngayo. Abrahamama, inzalo yakho iyakunqoba isango lesitha sayo.”

Manje uShamgari wayengathi, “Ngiyinzalo ka-Abrahamama.” Amen.

<sup>123</sup> Futhi uma uShamgari ubengacabanga lokho, eyinzalo yemvelo ka-Abrahamama, kuthiwani ngalobubusuku, futhi siyiNzalo yaseBukhosini ka-Abrahamama na? O! Whewu! Nicabanga ukuthi ngiyasangana. Mhlawumbe nginjalo. Ngiyeke. Ngizwa ngingcono ngalendlela kunoma ngenza ngenkathi nganginenye ingqondo. Ya. INzalo yaseBukhosini ka-Abrahamama! Ibandla lingeyaseBukhosini, iNzalo ethenjisiwe. Futhi uma inzalo yemvelo ibingathatha isibindi esikhulu kangako, ibifanele yenzeni iNzalo yaseBukhosini, ngo—ngoBukhona bukaMoya oNgcwele ugcobo nje luzungeza, ezikhombisa Yena uqobo na? Whewu! Inkazimulo! Impela.

<sup>124</sup> UShamgari wathi, “Ngiyinzalo ka-Abrahamama.” Lapho eqala ukucabanga ngakho, “UNkulunkulu watshela u-Abrahamama, ngiyakukholwa, ukuthi inzalo yakhe izakunqoba isango lesitha sakhe. Nampo, bamasha bedlula esangweni lami.” Wavele wafinyelela phezulu, wathola ucijo lwenkabi. Manje, akazange ame.

<sup>125</sup> Akazange alinde ukuthi afunde ukulwa kwababili, noma athi, “Manje awume kancane. NgiyiNzalo yaseBukhosini. Ngiyinzalo ka-Abrahamama. Ngisokiwe. Ngakho-ke, uyazi, onke lamaFilisti angamaqhawe amahle. Kade ezilolonga isikhathi eside. Ngizohamba ngehlele ekholiji futhi ngithole i-Ph.D. yami ne-L.L.D., futhi ngizofunda ukuthi balwa kanjani ababili. Ngizofunda ikhathekhizima, yonke imithetho yebandla.”

<sup>126</sup> Ukuba wayekwenzile lokho, yilokho kuphela abeyokwazi noma yini mayelana nakho!...?...[Ibandla lithi, “Impela.”—Umhl.] Ubeyokwazi lokho kuphela, futhi ubengeke akuhlangukise. Khona-ke ubengeke aqhathanisele nesitha.

<sup>127</sup> Ungeke waqhathaniseka nesitha. Angeke ngaqhathaniseka nakho. Kodwa ngiyakhumbula ngiphila ngaphansi kwesithembiso, haleluya, lokho sekuvele kungamandla akhe esengaphezu kokuqhathaniswa, nokunqotshwa, nokuphoswa phansi. “Ngingaphezu komnqobi, khona manje.” Hhayi mina uqobo, kodwa ngikuYe Owanginqobela yena, niyabo, futhi lokho kuphila kuyephambili. Ngiyingxenye yeNzalo yaseBukhosini ka-Abrahamama. Kucabangeni nje umzuzu, khona-ke uthola ucijo lwakho lwenkabi. Xosha lowo develi asuke kuwe. Yebo.

<sup>128</sup> Wathi, “Ngi...angeke ngifunde ukulwa kwababili.” Uma ekwenza, yilokho kuphela akwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, ukulwa kwababili nje. Yilokho kuphela ayengakhuluma ngakho.

129 Namhlanje, yile yondlela esizama ukwenza ngayo namhlanje. Abantu bathi, “Nginobizo empilweni yami ukuba ngumfundisi.”

130 “Awu, manje, ndodana, ngizobiza umbhishobhi, futhi ngizothola ukuthi angeke yini ngikuvumele uye esikoleni, futhi ungafunda ukusebenza kwengqondo, futhi ufunde zonke lezizinto. Futhi cishe iminyaka eyishumi ekholiji kungahle kukulungise.” Lokho kuyokwenza, ngokwenele impela. Kuzomlungisa ukuze angeke aphinde asukume.

131 Umehluko onje kunalokho okuyikho, ukuthumela umfundisi namhlanje, kunalokho okwakuyikho eBandleni lokuqala. Abalindanga iminyaka eyishumi. Balinda izinsuku eziyishumi. Uma kukuthatha iminyaka eyishumi ukuthi uneliseke... Baneliseka ezinsukwini eziyishumi. Amen. Angahle aneliseke ngokusebenza kwengqondo, kodwa ufanele uthole isifundo sokuguqa ngamadolo. Izinsuku eziyishumi nje, babanelisekile, khona-ke babeshisekele abanye. Abanye babo babengakwazi ngisho ukusayina igama labo. IBhayibheli lathi babeyingazi futhi bengafundile, kodwa babanelisekile. Haleluya!

132 Anginandaba ngemfundo. Ngenelisekile ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu. Ngenelisekile Lona nguMoya oNgcwele. Ngenelisekile UnguMphilisi. Ngenelisekile UnguMsindisi. Ngenelisekile Uyeza. Ngenelisekile *Lokhu yiLokho*. Ngenelisekile. Ngiyakukholwa.

133 Bathi banelisekile. Okuthize kwenzeka. Babanelisekile, khona-ke babeshisekele, ngemva kokuba base benelisekile. Babeshisekele ngokukhiphela iZwi laKhe kubo bonke. Leso kwakuyisibonakaliso esihle sokuthi babanelisekile: babeshisekele.

134 Babengashisekele imfundo, babeshisekele noma babengathi “amen” kahle nje. Babengashisekele ukuthi babengabayiphi inhlango, noma ngabe babenalo yini ikhadi lokuhlanganyela, noma qhabo. Babanelisekile ukuthi konke ababekudinga kwakunguYe.

135 Futhi ngiyindlela efanayo kulobubusuku. Ngenelisekile ukuthi konke esikudingayo nguKristu. Awudingi imeya entsha. Asibadingi omongameli abasha. Asidingi ibutho elisha. Asidingi ibhomu elisha. Sidinga uJesu.

136 Yilokho kuphela ababe—ababaneliseke ngakho. Futhi babekholwa futhi ukuthi Wayezo... Babanelisekile ukuthi U—Uyohlangabezana nakho konke ababekudinga.

Wena unelisekile kanjalo, kulobubusuku na?

137 Uthi, “Ngenelisekile. Akunandaba ukuthi yini eza phambi kwami, Uzokuqhathaniseka nakho. Akunandaba ukuthi yini eza phambi kwami, ngenelisekile Yena uzonginakekela. Wathi Yena uzokwenza.”

<sup>138</sup> “Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni konyaka. Ningacabangi ngekusasa, lizozicabangela lona.” Kunjalo, cabanga nje ngenamuhla. “Uma uNkulunkulu ambathisa kanjalo insimu, notshani ensimini, okungukuthi namuhla kunjalo, kusasa akunjalo; futhi uma Acabanga ngokwanele ukuthi akukho ngisho umzwilili ongawela emgwaqeni ngaphandle kokuthi Yena azi ngawo,” Wazi kakhulu kangakanani ngezidingo zethu na?

<sup>139</sup> Ngenelisekile. Yingalesosizathu ungangiboni ngingxiba iminikelo, *nalokhu*, *lokho*. Ngenelisekile. Uma ngihlala naleliZwi, uNkulunkulu uzohlala nami. Ngenelisekile. Angidingi ukuba nginikezwe. Kuzofika ngandlela-thize. Mina, ngi—nje ngi—ngenelisekile nje. Ngiyakukholwa. Ngilikholwa lonke iZwi Alisho. Ngenelisekile ngaLo. Ngenelisekile Uzohlangana nazo zonke izidingo engizidingayo. Angizukudingeka ukuba ngikhathazeke ngakho.

<sup>140</sup> Futhi wayenelisekile futhi ukuthi babengadingi isigejane sokusebenza kwengqondo, nazo zonke lezi ezinye izinto, ukukuthatha. Babenelisekile ukuthi labo ababe... ba—babashumayeza, wawuyikho konke ababekudinga, ababezokwenza kube yilokho ababenakho.

<sup>141</sup> Yileyo inkathazo yakho namhlanje. Bazama ukufaka ezinye izinto kubo, izivumokholo, nezinto ezinjalo. Awukaze uneliseke kahle ukuthi uMoya oNgewele uqinisele. Yilokho konke engikudingayo. Yilokho konke enikudingayo. Yilokho konke noma ngubani omunye akudingayo.

<sup>142</sup> Ngangise-Afrika kungekudala. Bebezama ukufundisa labobantu ezansi lapho, nezizwe. Futhi uma ubaletha kumlungu, uthatha isono somlungu. Unesono sakhe uqobo phandle lapho esizweni. Uyamngenisa, uthatha isono somlungu, khona-ke usengumntwana ophindwe kabili wesihogo kunoma wayenjalo, ukuqala nje. Into kuphela ayidingayo. Udinga uKristu. Amen.

<sup>143</sup> UHudson Taylor, ngesinye isikhathi. Anikaze nizwe ngoHudson Taylor, isithunywa sevangeli esikhulu, eChina na? Kwakunomfana omncane oyiNdiya. Wasindiswa, futhi wabanobizo enkonzweni. Uyafika futhi wathi kuMnu. Taylor, wathi, “Mnu. Taylor, ngingayithatha iminyaka emine yesayensi ephathelene nokusebenza kwengqondo,” nezinto ezihlukene ayezofanele azenze, “nokuthi kuzongithatha isikhathi eside kangakanani, ukuthola iziQu zami zoBuciko na?”

<sup>144</sup> UMnu. UTaylor washo kuye, wathi, “Ndodana, ungalokothi wokhele i—ikhandlela uhhafu phansi ngaphambi kokuba uqale.” Qhabo.

<sup>145</sup> Yilokho engikucabangayo, nami. Ungalindi ikhandlela lize lise uhhafu phansi, nohlobo oluthile lokufunda esikoleni lushaye kuwe, uhlobo oluthile loketshezi lokugqumisa. Ungakwenzi lokho. Kodwa ngithi, masinyane nje lapho

ikhandlela lokhelwa, qala. Angizami ukwesekela ukungazi, kodwa nakhu engikuqondile. Uma ungazi lutho olunye, batshele ukuthi ikhandlela lokhelwe kanjani. Yilokho kuphela abafanele bakwazi. Batshele ukuthi yini eyokhela ikhandlela. Batshele ukuthi yini evutha phakathi lapho. Batshele nje ukuthi lokhelwa kanjani. Mabalokhele, bazo—bazokunakekela konke okuseleyo. Impela.

146 Awudingi ukuthi ukusho, hamba wedlule kulo lonke uhlobo lwamagama amakhulu ongawazi okokuqala nje, futhi ungasho lutho ngemuva kokuba usuwazi. Niyabo? Batshele nje, “Udumo kuNkulunkulu! UMoya oNgcwele wangishaya, futhi sengiyindoda ehlukile.” Batshele ukuthi ikhandlela lokhelwa kanjani. Musa ukulinda lize lilanguke; khona-ke liyashunqa ngalesosikhathi. Abaningi kakhulu babo namuhla. Vele ubatshele nje ukuthi lokholwa kanjani.

147 Indoda eyimpumputhe uJesu ayinika ukubona kwayo phezulu lapho, babenokuqophisana ngakho. Niyakhumbula ngenkathi edlula, abafundi bathi, “Ngubani owonile, nguye noma umama wakhe, ubaba wakhe na?”

148 UJesu wathi, “Noyedwa. Kodwa ukuthi imisebenzi kaNkulunkulu ingenziwa ibonakale.” Futhi Wamnika ukubona kwakhe.

149 Nakhu kukhuphuka bonke ababhali nabaFarisi. Futhi uyise nonina babesabela ukufa, ngoba base bevele bethe, “Uma noma ngubani olalela lowoJesu waseNazaretha, lowoMprofethi, uzokunikeza incwadi iletha evela ebandleni. Usuxoshiwe.”

150 Abakakuguquli nakancane. Niyabo, kuyefana! “Noma ngubani oMlalelayo, noma oya emhlanganweni waKhe, usuvele uphumile nje ngqo ebandleni, kwasekuqaleni nje ngqo.” Bayalisusa igama lakho lisuke ngqo encwadini.

151 Ngakho-ke bahamba balanda uyise nonina, bathi, “Ngabe lena indodana yenu na?”

152 Bathi, “Yebo, kunjalo.” Bathi, “Siyazi ukuthi lena yindodana yethu, futhi siyazi yazalwa iyimpumputhe.”

“Awu,” bathi, “ukuthi ukuthole kanjani ukubona kwakhe na?”

Bathi, “Mbuzeni. Usekhulile.”

Wathi, “Nikezani uNkulunkulu udumo. LoMuntu uyisoni.”

153 Ngani, wayengeke aphikisane nabo ngesayensi yezenkolo. Impela ngeke. Kodwa kunento eyodwa ayeyazi. Wayenelisekile ukuthi wayengabona. Wathi, “Noma ngabe Uyisoni noma qha, angazi. Angazi ukuthi yisiphi isikole Aphuma kuso, noma lutho ngakho. Kodwa leli ngelihle elilodwa iphuzu lokuphikisana: lapho khona engake ngaba yimpumputhe, ngenelisekile ukuthi ngiyabona; ngoba Ungitshelile ukuthi ngingakwenza, futhi ngaMlalela.” Haleluya!

154 Into efanayo ngami. Ngangiyimpumputhe, kodwa manje sengiyabona. Ngake angangakubona Lokhu. Ngangiyisoni. Wavula amehlo ami. Lapho engake ngaba yimpumputhe, manje sengiyabona.

155 Wayenephuzu elikahle lokuphikisana, impela wayenalo, kakhulu kakhulu baze abangaphikisana naye ezansi. Ngani na? Wayenelisekile ukuthi angabona. Futhi yena wayenelisekile. “Lokho,” yena wathi, “kuyinto exakayo manje. Ubeka phezulu, nina bafo lapha, ningabaholi bezenkolo besizwe. Futhi nina nithi anazi ukuthi yavelaphi leNdoda, futhi lapha Yona yenza isimangaliso kimi, esingakaze senziwe emhlabeni. Lokho yinto exakayo.”

156 Mfowethu, ngikholwa ukuthi ungunyazi wezenkolo omuhle kakhulu, kulokho. Ngani na? Waneliseka. Wayenento ethile eyamenelisa. Wayephuphuthekile; wayekwazi ukubona.

157 UDavide, ngenkathi enyukela empini kaSawule, uGoliyathi ngakolunye uhlongothi, uDavide wayeyindoda encane kunawo onke esigejaneni. uGoliyathi wayengomkhulu kunabo bonke. USawule wayeyoba ngongaphezulu ngokuqhathaniseka. USawule wayethi akabe amafidi ayisikhombisa, ngiyacabanga, noma okungcono, mhlawumbe ayisishiyagalombili, “Ikhandana namahlombe ngaphezu kwawo wonke umuntu empini yakhe.” Futhi uDavide wayeyindoda encane kunawo onke lapho, futhi wayeyindoda kuphela engaqeqeshiwe lapho. Kodwa, mfowethu, wayenelisekile. Inkazimulo! Niyabo? “Ngingakuthanda ukubukeka engiyikho.”

158 Qaphelani. Wayengaqeqeshiwe. Wayengenayo imikhonto. Wayengazi lutho ngayo. Futhi wayengumfana omncane nje obomvana. Kodwa wayenelisekile, futhi wayeshisekele ngempi ababezibiza “ngempi kaNkulunkulu ophilayo.” Futhi wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu, Owayemsizile ngaleyo ndwayimane, ukubulala ibhubesi nebhere, wayengamsusuluza impela lowomFilisti ongasokile. Wayenelisekile, khona-ke uthola ukushisekela ngempi. Akunandaba ukuthi uthola okungakanani... Uma unelisekile khona-ke uyashisekela, kodwa ufanele uneliseke, kuqala. Ngakho-ke, wayenelisekile.

159 Ngiyakhumbula ngobunye ubusuku, ubusuku obushisa ngempela, isipoki nxazonke, kuyiwa empini. O, amathuba ayephikisana naye. Futhi wakhuleka. Wayelele phandle lapho ngaphansi kwesihlahla samajikijolo. Impi yase ivele ilungele, phandle lapho ukuhlangana naye. Wayelele ngaphansi kwalesihlahla samajikijolo. Futhi ngemuva kwesikhashana wezwa into ethile iza, futhi waqhubeka wedlula ehlaneni lamajikijolo, futhi waphuma ngenye indlela. Wayenelisekile, mfowethu. Akunandaba ukuthi amathuba ayephikisana kanjani, wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu wahamba wangena, ngaphambi kwakhe.



<sup>160</sup> Madoda, uma ningama lapha, kulobubusuku, kungenandaba ukuthi yini engalungile ngani; uma ningawuzwa lowomoya ovunguzayo kaMoya oNgcwele uza wedlula kini, futhi uthi, “NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zakho. Ngiyakuphilisa manje.” Uma unganeliseka, mfowethu, awunandaba ukuthi kuthintana kuni okuphandle lapho, uyazi vele ukuthi kuzokwenzeka. Impela.

Wayenelisekile futhi khona-ke wayeshisekele.

<sup>161</sup> USamsoni emi phambi kwamaFilisti, enomhlathi nje womnyuzi esandleni sakhe, wayenga—wayengahlomile ngisho. Kodwa wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu owamvusa, wakwazi, ngalowomhlathi womnyuzi, ukubulala lamaFilisti. Futhi wabulala inkulungwane.

<sup>162</sup> Umprofethi obalekayo, uMose, ngenkathi uMose ethole ukweneliseka ukuthi kwakunguNkulunkulu kulelohlati. Niyazi, uMose akakaze abe nesipiliyoni noNkulunkulu. Wayenenqwaba yesayensi yezenkolo. Kodwa wayebalekile. Kodwa lapho...Wayenelisekile ukuthi Lowo kwakunguNkulunkulu esihlahleni. Ngoba, iZwi lakhuluma livela ehlathini, licaphuna umBhalo kuye, futhi wayenelisekile ukuthi Lowo kwakunguNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu wathi, “Ngizoba nawe.” Uyazi, wayekade elahlekelwe yikho konke ukushisekela mayelana nomthwalo waseGibhithe. Wayekade ephandle lapho iminyaka engamashumi amane, nabo beyisigqila kude le. Kodwa lapho wayenelisekile ukuthi kwakuyintando kaNkulunkulu ukubakhulula, wathola ukushisekela ngqo ngosuku olulandelayo.

<sup>163</sup> Lapha wehlela ezansi nomgwaqo. Ungacabanga ukuthi kubonakala kanjani na? Kanye noZipora ehlezi emnyuzini, uGereshomi omncane enqulwini yakhe. Intshebe ilengela phansi *kanjena*, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala; ikhanda elinempandla likhanya elangeni; induku egwegwile esandleni sakhe; ememeza, “Haleluya!” Ehlela eGibhithe, ukuyolidla. Yebo.

Kungakwenza wenze ngendlela exakile.

<sup>164</sup> Kungahle ukuthi kwamenza wenza ngokuxakile, kodwa wayenelisekile. Ngani na? “Ngizohamba nawe, Mose. Ngizothatha lenduku esesandleni sakho, futhi Ngizobakhulula abantu baMi.” Manje, induku egwegwile endadlana yayingabukeki kakhulu impela, kodwa, mfowethu, wayenelisekile ngoba iZwi likaNkulunkulu lalinayo.

<sup>165</sup> Wena uyazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu linawe, futhi likuwe, unganeliseka.

<sup>166</sup> Abantwana bamaHeberu, babenelisekile ukuthi Wayekwazi ukugcina iZwi laKhe, yebo, inqobo nje uma babeyoma kuLo. UNkulunkulu wabatshela ukuba bangazikhothameli izithombe. Yilokho impela uNkulunkulu ayekuqondile. Futhi babazi

ukuthi uma babengasikhothamelanga lesosithixo, ukuthi uNkulunkulu wayengaligcina iZwi laKhe. Babenelisekile ukuthi Wayekwenzile. Futhi khona-ke lapho sebenelisekile mayelana nokuma eZwini laKhe, uNkulunkulu wayeshisekele mayelana nokuma kanye nabo.

<sup>167</sup> Uma unelisekile ukuthi Leli yiZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu ushisekele ukukunakekela ngaLo. WaKuzama, emasimini angaphandle nakuyo yonke indawo, uma unelisekile ukuthi Lilungile. Kodwa, uzofanele uneliseke, bese-ke uNkulunkulu uzokushisekela. Kodwa, kuqala, ufanele uneliseke ukuthi nguYe, futhi Uyasigcina isithembiso saKhe, khona-ke uNkulunkulu ushisekele.

<sup>168</sup> UMarta wayenelisekile ukuthi uma uJesu ecele uNkulunkulu, kuyokwenzeka. Wathi, “Anginandaba ukuthi noma ubani omunye wabo uthini. Anginandaba ngisho uma udadewethu uMariya engakholelwa kukho. Angikholwa, anginandaba ukuthi urabi uthini. Kodwa, Nkosi, ukube Ubulapha, umfowethu ngabe akafanga.” Futhi wathi... “Nakalokhu, ngenelisekile, uma Ucela uNkulunkulu, uNkulunkulu UzoKunikeza. Kuzokwenzeka. Ngiyahamba ngiyehla ngqo, ngiyogingqa itshe. Ngiyokulungiselela. Ngenelisekile.” Impela.

<sup>169</sup> Ngikhumbula ubaba wami, ezansi eKentucky, eminyakeni eyedlule. Izitshalo zonke zazisha. Futhi umshumayeli omdala wesekethe uyafika, futhi yena wayeyikhehla elihle kakhulu. Lapho eseguqe ngamadolo akhe, wahlala lapho kwaze kwaba kukhona osekwenzekile. Ngalolosuku, bonke wayefuna ukukhulekela invula ukuba ize. Ubaba wathi, ngenkathi lelo khehla liguqa ngamadolo alo, futhi labona lezozandla ezindala ezishwabene phezulu emoyeni, wathi, “O Nkulunkulu, ngiKukhonzile. Lababantu ngabaKho, futhi izitshalo zabo ziyasha.” Ubaba wathi waphuma wathi nyelele esontweni ngqo, futhi waphuma phandle lapho futhi wathatha isihlalo sakhe somnyuzi wakhe, wasiphonsa ngaphansi kwesonto, ngoba wayazi ukuthi invula yayiza. Enelisekile, yebo, mnumzane, khona-ke wayeshisekele mayelana nesihlalo sakhe sehhashi. Emuva kokuba uthola ukweneliseka!

<sup>170</sup> UMartha wathi, “Ukube Ubulapha, umfowethu ngabe akafanga. Kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu Uzokunikeza yona. Kunjalo. Kuzokwenzeka, uma Uzocela uNkulunkulu.” Akumangalisi lokho na?

<sup>171</sup> UJayiru, nesidumbu endlini yakhe, ingane yakhe okungukuphela kwayo, ineminyaka eyishumi nambili ubudala, intombazanyana. Umlayezo uyafika, “Ungayikhathazi iNkosi, ngoba yona isivele ifile.” Futhi uJesu wathi... .

<sup>172</sup> Okokuqala, yena wathi kuJesu, “Intombazanyana yami isifile ngisho manje, kodwa ngenelisekile.” Haleluya!

“Woza, ubeke izandla zaKho phezu kwakhe, izobangcono.”  
Wayenelisekile!

173 Wayezwile ngoJesu. Wayeyazi imisebenzi yaKhe. Wayeyikholwa elizifihlile. Phansi enhliziyweni yakhe, wayekholwa ukuthi leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu. Wayenelisekile ngempela ukuthi kwakuyikho. Niyazi, akusiso isimanga na? UNkulunkulu wamphoqa odabeni.

174 UNkulunkulu uyazi ukuthi akuphoqe kanjani. Kunjalo. Ngezinye izikhathi Ukunikeza ukugula, yonke into enye, ukukuphoqa nje kukho, ukhombise ubunjalo bakho, ukuthi uyini.

175 Wamphoqa. UJayiru waphoqeleka ukuba akukholwe. Ngakho-ke wakhombisa ukuthi wayeyini. Wathi, “Uma Uzoza, ubeke izandla zaKho entombazaneni yami, noma ifile, izophila.” O, he! Ngiyakuthanda lokho.

Ngiyacabanga, uMartha washo into efanayo.

UJesu wayenelisekile ngaKho, futhi.

176 Isosha elingumRoma, induna yekhulu, lalinelisekile, uma kuphela lalingathola uJesu ukuba asho iZwi. Lalelani lososha, umRoma, oweZizwe, umhedeni. Yena wathi, “Ngingumuntu ophansi kwengunya. Ngithi kulendoda, lelisosha, ‘Wena yana *lapha*,’ futhi iyahamba. Futhi ngithi kulona, ‘Woza,’ futhi uyeza.” Ngani na? Wayengaphezu kwakhe. Yini elaliyifakaza na? “Jesu, Ungaphezu kwazo zonke izifo. Uphezu kwakho konke. Uma nje ngingakuzwa Usho iZwi, inceku yami izophila. Ngineliseke ngempela.”

Futhi khona-ke, emuva kwakho konke lokho, namanje asenelisekile. Niyabo?

177 Kwakuyini na? UJesu wathi lokho kwakungukukholwa okukhulu. Akakutholanga lokho ku-Israyeli. “Khuluma iZwi nje.”

178 NaKhu, khona *Lapha*. “Uma ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwamukela lokho okucelile, futhi uzoba nakho. Uma uthi kule ntaba, ‘Nqukuleka,’ futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lokho okushilo kuzofenzeka, unganabakho okushilo.”

179 Khona-ke vuma. Ini na? “Ngemivimbo yaKhe ngiphilisiwe. Ngomusa waKhe ngisindisiwe. Ngesithembiso saKhe ngizolalela, futhi ngizogwaliswa ngoMoya oNgcwele.” Nakho lapho okhona, uma unelisekile ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe. Kodwa kuqala uzofanele uneliseke.

180 Owesifazane owayenomopho, wayenelisekile; akunandaba ukuthi urabi wayetheni, nokuthi umpristi wayetheni, nokuthi umyeni wakhe wayetheni, nokuthi noma ubani omunye wayetheni. Wathi, “Lowo uMuntu oNgcwele. UyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi uma ngingathinta umphetho wengubo

yaKhe, yilokho kuphela okumele ngikwenze. Ngenelisekile ukuthi ngizosinda.” Nakuba udokotela ethi angeke asinde, kodwa wathi, “Ngingasinda uma nje ngingathinta umphetho wengubo yaKhe.” Wayenelisekile.

<sup>181</sup> Owesifazane emthonjeni wayenelisekile ngokuthi Yena wayenguMesiya, lapho wayebone lesosibonakaliso sangokombhalo, ukuthi wayazi ukuthi uMesiya wayezoba yini. Njengoba ngishilo namhlanje ekuseni, leyompilo eyamiselwa ngaphambili ilele lapho. Futhi kwathi nje anga... Khona, amanzi afudumele athululeka... Amanzi apholile, njalo, athululeka phezu kwaleloZwi lokuphila uNkulunkulu ayelimisele ngaphambili kusukela ekusekelweni komhlaba, waLibona [Mfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—mhl.] ngokushesha okunjalo. Lapho, kwakukhona abefundisi lapho, abaLibonanga; abapristi abangaLibonanga; abapristi abakhulu abazange baLibone; abefundisi basesontweni abakhulu abaLibonanga; Labizwa ngo “develi.” Naleso esimpofu, isifebe esincane phandle lapho, uNkulunkulu wayekumisele ngaphambili lokho kusukela ekusekelweni komhlaba. Uma uke waba lapho, wawulapho, futhi.

<sup>182</sup> Manje, iBhayibheli lathi, “Ezinsukwini zokugcina, umphikukristu uyokholwa kakhulu, futhi afane kakhulu nento yangempela, kuze kuthi bekuyodukisa bona kanye abaKhethiweyo ukuba bekuyokwenzeka.” Kodwa, akunjalo. Kulungile. Futhi, “Konke.” “Uyodukisa bonke, phezu komhlaba, abamagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu.” Kusukela emvuselelweni yokugcina na? Lokho akuzwakali njengeBhayibheli, kuyezwakala na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] “Kusukela ekusekelweni komhlaba.” Angeke usabakhohlisa, ngoba balele khona ngqo kuleloZwi. Ngenkathi bebona lezozinto zivela, [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe.] KuyiMpilo, bayaYibamba khona manje.

<sup>183</sup> Abanye bazozulazula, bathi, “A, akukho lutho kuLokho. Hhe!” Niyabo? Abanelisekile. Akukho lutho lapho ukuba lubanelise. Akukho lutho kubo, ukuba bakholwe ngalo.

<sup>184</sup> Umama wayevamise ukuthi, “Ungalithola kanjani igazi kutheniphu lapho kungekho-gazi kuwo na?” Kunjalo.

<sup>185</sup> “Izimvu zami ziyalizwa iPhimbo laMi.” Bayalazi iZwi. Liyini iPhimbo laKhe na? NaLi *lapha*. Lezizivumokholo abazilandeli. “Kodwa, bezwa iPhimbo laMi, bayaLilandela.”

<sup>186</sup> Owesifazane emthonjeni wayenelisekile ngempela. Khona-ke wayeshisekele ukuthi abantu bakubo babezobona futhi lesosibonakaliso futhi baSikholwe, emva kokuba wayesenelisekile ukuthi Lowo kwakunguMesiya. Ngoba, Wamtshela lapho inkathazo yakhe yayikhona. Wathi, “Mnumzane, siyazi ukuthi uma uMesiya efika Uzokwenza lokho.”

187 Wathi, “NginguYe.” Wayazi ukuthi umuntu ongenza leyonto ubeyobe ngempela ekhuluma iQiniso. Udumo kuNkulunkulu! Yebo, indoda uNkulunkulu abengayisebenzisa ngaleyondlela ibingeke iqambe amanga. Kunjalo. Iyokutshela iQiniso. Wathi, “NginguYe.”

188 Futhi wayexhuxhuma kakhulu ngenkathi lokho kuKhanya kubhobokela kuleloZwi, wagijima wangena emzini. Wayenelisekile ngempela. Noma ngabe wayefanele, noma qhabo, wagijimela emzini futhi watshela labo orabi nabapristi, nabo bonke abantu ezitaladini, abantu bemakethe, naphezulu kuyo yonke igrosa. Futhi ehamba ehla inyuka ngesitaladi, efakaza, “Wozani, nibone iNdoda Engitshele izinto engisenzile. Thatha iBhayibheli lakho. Buka embhalweni ogoqwayo. Ngabe lelo akusilo iQiniso, ukuthi Lowo uMesiya impela na?” Wayenelisekile. Yena uyovuka ekwahlulelweni futhi alahle izinkulungwane zabantu abavela e-United States lapha. Impela uzokwenza.

189 Niyazi, uJesu wathi, “Indlovukazi yaseningizimu iyakuvuka ekwahlulelweni, ibalahle, ngoba iyafika ukuzozwa isiphiwo sokuhlakanipha, leso uSolomoni ayenaso, ukwahlukanisa okufihlakeleyo.” Futhi wathi, “Omkhulu kunoSolomoni ulapha.” Impela. Kodwa noma kunjalo abantu babengeke baMkholwe. Impela.

190 Wayenelisekile, futhi wayefuna abantu bakubo ukuba baneliseke. Niyabo? Emuva kokuba wayesenelisekile, khona-ke wathola ukushisekela ngabantu nakubo. Wayazi ukuthi Lowo kwakunguMesiya. Wayazi ukuthi yilokho iBhayibheli elakusho ukuthi kuyokwenzeka lapho uMesiya efika.

191 Yena wathi, “Siyazi ukuthi uMesiya, othiwa nguKristu, lapho Efika, Uyositshela lezozinto. Kodwa Ufanele ube ngumprofethi.”

UJesu wathi, “NginguYe.”

192 Khona-ke waneliseka. Ngoba, wazi ukuthi umBhalo washo njalo, futhi kwaKulapha. Wayenelisekile, khona-ke wayeshisekele. Yena wahamba futhi watshela omunye umuntu.

193 Manje, uJesu wayenelisekile ukuthi Wayezovuka ngosuku lwesithathu. Wayeneliseke kakhulu, Wathi, “Dilizani leLithempeli, futhi Ngizolivusa ngosuku lwesithathu.”

194 Ngani? UDavide, emiBhalweni, ngaphansi kokuphefumulelwa, umprofethi. UDavide wayengumprofethi, niyazi. UDavide, ngaphansi kokuphefumulelwa, waprofetha, futhi wathi, “Angiyikushiya umphefumulo waKhe esihogweni, kanjalo aNgiyikuvuma ukuba ONgcwele waMi abone ukubola.”

195 Futhi Wayazi ukuthi isikhathi esithile phakathi kwamahora angamashumi ayisikhombisa nambili, ngaphambi kokuba ukonakala kungene kulowomzimba, Wayezovuka. Amahora

angamashumi ayisikhombisa nambili izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu. Wathi, “Lidilizeni, futhi Ngizolivusa futhi,” eneliseke ngempela, kunjalo, ukuthi Uzophinde alivuse futhi. Wayazi ukuthi imiBhalo angeke yehluleke. Haleluya!

<sup>196</sup> Ngenelisekile ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ngenelisekile, enkonzweni naseMlayezweni, engiwushumayelayo, ngenelisekile ukuthi uYiqiniso. Ngenelisekile ukuthi lemibono ivela kuNkulunkulu. Ngenelisekile siphila ezinsukwini zokugcina. Ngenelisekile ukuthi wona kanye loMoya okimi manje nguMoya oNgcwele. Udumo!

<sup>197</sup> Ngenelisekile ngempela. Ngenelisekile ukuthi indlela kaMoya oNgcwele ilungile. Ngenelisekile ukuthi indlela yeBhayibhelini iyiQiniso. Ngenelisekile ukuthi Lona nguJesu Kristu lapha manje. Ngenelisekile. Uma siMkholwa ngalomzuzu, ngenelisekile ukuthi Uzophilisa wonke umuntu ogulayo ngomzuzwana, ukuphazima kweso. Ngenelisekile Uzothululela uMoya oNgcwele phezu kwalapha, kuze kuthi kuyobakhona ukumemeza okunjalo, kuze kube nzima ukusho obekuzokwenza.

<sup>198</sup> Ngenelisekile. Ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke, hhayi ngoba sengiyindoda endala. Ngashumayela lokhu ngenkathi ngiseyingane, ngingakabi ngaphezu kweminyaka engamashumi amabili ubudala. Bengilokhu ngenelisekile kusukela ngalolosuku Wahlangana nami emfuleni. Haleluya! Ngenelisekile ukuthi Ulapha manje. Ngenelisekile. NaleyoNsika yoMlilo yiNsika yoMlilo efanayo eyayikanye no-Israyeli ehlane, yiNsika yoMlilo efanayo ekanye neBandla namhlanje. Udumo! Ngenelisekile Iqinisele. Nginikele ngempilo yami ngenxa yaYo. Sengishiye ikhaya nakho okunye, ngingikezeni yonke into ngaYo. Ngenelisekile ukuthi iYiQiniso.

<sup>199</sup> Ngenelisekile ukuthi Ulapha manje. Ngenelisekile ukuthi loMoya olapha manje nguMoya oNgcwele. Ngenelisekile ukuthi sibhaphathizelwe eMoyeni waKhe khona manje. Ngiyazi ukuthi yiQiniso. Ngeneliseke ngempela ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngenelisekile, ngeneliseke ngokuphelele.

<sup>200</sup> Leyo Ngelosi eyahlangana nami phezulu lapho futhi yangitshela ukuthi Wenzani. Ngama phambi kwabahedeni ngezinkulungwane, namashumi ezinkulungwane. Wena uthi, “Awesabi na?” Qhabo, mnumzane. Ngenelisekile ukuthi Livala kuNkulunkulu. Ngenelisekile ngoba beLingokomBhalo. Ngenelisekile ukuthi YiNgelosi yeNkosi. Ngiyakukholwa ngakho konke okusenhliziyweni yami. Amen. Ngenelisekile, uma besiyocela noma yini kuNkulunkulu, ubezosinika khona. Wena uyesaba nje. Ungesabi. Ulapha.

<sup>201</sup> Ngenelisekile lokho ukuthi wona kanye uMoya eniwuzwayo, uMoya oNgcwele ohamba kithi, ngenelisekile ukuthi Lowo nguKristu. Amen. Ngenelisekile ukuthi khona manje, ukuthi, Lokhu yilokho engikubukayo, lendingilizi yokuKhanya phambi kwami, ngenelisekile ukuthi lona nguMoya oNgcwele. Ngenelisekile ukuthi umbono uphezu kwamehlo ami. Ngiyazi ukuthi Unguye. Amen. Ngiphonsela inselelo wonke udeveli emhlabeni, lelihora. Kulungile! UnguNkulunkulu. UKristu akasuyena nje umprofethi, UnguNkulunkulu, akukho okusilele ngakho.

<sup>202</sup> Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Angeke nje ngisashumayela. Hhe! Ugcobo olunjena pho! [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

<sup>203</sup> Malibongwe iGama leNkosi! Ngeneliseke ngempela ukuthi UnguJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade!

<sup>204</sup> Baba waseZulwini, ngenelisekile ukuthi NguWe. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi njengoba ngisuka kulomsamo, kulobubusuku, ukuthi Uzokwenza okuthile okukhethekile. Fakazisa kubantu, kanye futhi, ukuthi NguWe. Nginikela lezizithameli kuWe. Nkosi, sisezandleni zaKho. Yenza ngathi njengoba Ubona kufanele. EGameni likaJesu. Amen.

Okuthile kwenzekile. Ngenelisekile ukuthi uNkulunkulu ulapha.

<sup>205</sup> Ngabe uwakhiphile amakhadi omkhuleko, noma yimaphi amakhadi omkhuleko na? [Omunye uthi, “Qhabo.”—Umhl.] Qhabo. Asiwadingi. Ngenelisekile ukuthi Ulapha. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Yebo.”]

<sup>206</sup> Uma unelisekile ngempela, thani, “Jesu, ngiyaKuthinta, ngokuzwa kobuthakathaka bami. Ngiyakholwa ukuthi uMfowethu Branham ukhulume iQiniso. Ungumuntu nje. Wena unguNkulunkulu. Kodwa ngiyakholwa ukhulume iQiniso, ngoba YiZwi. Makwenzeke, Nkosi. Makakhulume kimi futhi angitshela. Angenze ngeneliseke.”

<sup>207</sup> NaNti, selivele lisemhlanganweni. Lelo nenekazi elihlezi lapho, likhulekela isimo sokwethuka. Intombazanyana yalo, inalo, ukuvimbezeleka. Uzokukholwa na? Umama ogulayo ekhaya. Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Ungabanakho okucelayo.

<sup>208</sup> Ngenelisekile ukuthi iNgelosi efanayo eyehla ngesimo soMuntu futhi yakhuluma no-Abrahama, nomhlane waYo ufulathele ithende, yiYo ofanayo lapha kulobubusuku. Yakwethembisa ukuthi kuyoba njalo. Ngiyakholwa ukuthi leyoNgelosi iyasigcoba, ngoba KwakunguNkulunkulu. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile, Sarah, phakathi lapha ndawo ndawo, ukhuluma kuNkulunkulu. Ngenelisekile, dadewethu. Ngenelisekile mfowethu, ngiyazi ukuthi yiQiniso. Impela yilo.

209 Kukhona inenekazi elihlezi emva kwami. Linenkathazo yenhliziyi. Lihlezi ngqo ngemuva kwami. Angilazi. Limi ngaphambi kwami. Lingowesifazane ophakathi nendima yempilo. Alisilo elalapha. Livelya eVirginia. Nkk. Fox, uJesu Kristu uyakuphilisa. Uhlezi khona lapha ngaphakathi. Asibone. Lona nguye, khona *lapha*. Kholwa.

210 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Uma ningakholwa, zonke izinto zingenzeka.”

211 Ucabanga ini ngakho, nenekazi na? Ngabe wena nami siyizihambi, omunye komunye na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyakholwa na? Unenkathazo yekhanda. Kunjalo. Igama lakho nguNkk. Moore. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Yana ekhaya. Philiswa.

Uyakholwa na?

212 Manje omunye phezulu lapha, phambi kwami lapha. Nakhu, omunye. Ngowesifazane. Unomdlavuza esifubeni. Nkk. Rhodes, kholwa eNkosini Jesu Kristu. Angimazi owesifazane. UNkulunkulu uyamazi. “Wena ungakholwa, konke kungenzeka.” Kunjalo.

213 Indoda ehlezi ngaleya, ikhuleka, iphuma eTulsa. Mnu. Harwood, kholwa yiNkosi uJesu Kristu. Hamba, uphile. Yiba nokukholwa. Yilokho kuphela onakho. Angiyazi indoda, angikaze ngiyibone empilweni yami. Siyizihambi. Kodwa kunjalo. Ngani na? Uthinte Okuthile.

214 Unelisekile na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Unelisekile ukuthi uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe na? [“Amen.”] Uma unelisekile, bangaki kini abanesidingo na?

215 Manje, impela, njengoba owesifazane acabanga emthonjeni. . . Buza lababantu. Hamba, ukhulume nabo, nomaphi lapho be. . .

216 Ngibona omunye. Yebo, omunye. Lalelani, nibone ukuthi ngabe kuqinisele noma qhabo. Manje Kuzungeza isakhiwo. Isakhiwo sonke sigcotshiwe, indawo yonke. Ngenelisekile ukuthi uBukhona bukaJesu Kristu buzophilisa wonke umuntu lapha.

217 Ngabe unelisekile ngokufanayo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ninelisekile ukuthi nginitshela iQiniso na? [“Amen.”] UNkulunkulu uyaqinisekisa ukuthi nginitshela iQiniso. Khona-ke, ngiyala ukuthi nime ngezinyawo zenu futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu, eGameni likaJesu Kristu. Uma ninelisekile, phakamisani izandla zenu kuYe, futhi niMnike udumo.

218 Baba waseZulwini, uMoya oNgcwele, ugcwalisa lesisakhiwo. Banelisekile ukuthi uSathane uhluliwe.

219 EGameni likaJesu Kristu, Sathane, phuma kulendawo lapha. Senelisekile ukuthi lokhu nguBukhona bukaJesu Kristu lapha. Futhi kuyakwenziwa. Amen.





*UKWENELISEKA BESE UYASHISEKELA* ZUL62-0610E  
(Convinced Then Concerned)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoJuni 10, 1962, e-Aberdeen High School e-Aberdeen, eNorth Carolina, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2021 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)